# INDLELA YOKUBUYELA EMUVA

Ningahlala phansi. [Isiprofetho siyanikezwa. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kuyamangaza ukubona ubulula bokusebenza kukaMoya nabantu abathobekile nje ngokwanele ukuba bakulalele futhi bakukholwe, futhi bakugcine nje, ukuthi sibonga kanjani, leso sikhuthazo esivela kuNkulunkulu ukuthi kufanele silindele, futhi Uzokwenza umsebenzi phakathi kwethu, siyaMbonga.

2 Manje, ngithathe isikhathi eside kancane izolo ebusuku, ngisanda kungena futhi, emizuzwini embalwa edlule, futhi—futhi ngiphatheke kabi, nginigcine nimile kanjalo, futhi ngizama ukusheshisa kulobubusuku, uma kungenzeka ngikwazi. Futhi kusasa ekuseni, ukudla kwasekuseni kweBusiness Men eWashington-Youree, futhi ngisanda kutshelwa umfowethu, onamathikithi, ukuthi amathikithi kufanele athengwe kulobubusuku, ngenxa yokuba nendawo eyanele, ukubona lapho bethola indawo eyanele idayisiwe yonke ekuseni, ukuze bakwazi ukulungiselela izinto; futhi wathi qinisekani ukuthi nithola amathikithi enu, futhi ngicabanga ukuthi bazoba ngaphambili kwegumbi phezulu lapho kulobubusuku.

3 Futhi kusasa ebusuku, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukuba, angazi nhlobo, kodwa ngicabanga nje uma Ithanda, ngingathanda ukukhuluma ngento ekhethekile kusasa ebusuku, esekuthini: *Sinazo Zonke Izinto KuKristu*. Manje, indikimba encane ejwayelekile, kodwa namuhla ivele iyafika kimi, futhi ngifuna nje ukukhuluma ngayo kusasa ebusuku, iNkosi ithanda.

4 Futhi khona-ke ngicabanga ukuthi sineSonto ekuseni, bese kuba iSonto ebusuku, iNkosi ithanda, ngifuna ukushumayela ngendaba: *Ukubala Ngokuhlehla,* lungiselelani ukuba ibandla liphume. Niyabo? *Ukubala Ngokuhlehla*. Niyabo? Niyazi ukuthi yini ukubala ngokuhlehla. Futhi, ngikholwa ukuthi singakufakazisa ngemiBhalo ukuthi sikhona manje ekubaleni ngokuhlehla. Manje, ngakho sikhulekeleni. Futhi, uma ungenalo ibandla oya kulo ngeSonto ekuseni, singajabula ukuba nawe lapha, futhi ngeSonto ebusuku, isizathu, uma unebandla elingelakho okuyisikhundla sakho sokuqala somsebenzi, sikulindele ukuthi uthamele leyo, kodwa uma ungenalo, ngani, singajabula ukuba nawe.

5 Futhi ngiyaqonda ukuthi kulobubusuku, uma singaqeda ngokushesha ngokwenele, sizoba no—nomugqa womkhuleko omncane. UBilly uthe ukhiphe amakhadi omkhuleko athile lapha, ngicabanga ukuthi lokho bekulungile, ya, ukuthi sizoba nomugqa womkhuleko ukuze sikhulekele abagulayo.

6 Futhi ngezinye izikhathi ngi . . . Umuntu othize . . . Abaningi bangitshele izikhathi eziyinqwaba, bathi, "Ubufanele uhlale nalokho ukhulekela abagulayo, ubungafanele uzame ukwenza lokhu okunye."

7 Kodwa kukhona ongishayele ucingo kungekudala, wathi, "Uhlale ubangconela ini labo besifazane na?" Awu, angibagconi. Wathi, "Awu," wathi, "kungani ungabashiyi phansi labo besifazane na?" Wathi, "Onke lawo madoda ngenhlangano yawo, nakho konke . . . " umfowethu ovelele ngempela.

Futhi ngathi, "Awukholwa ukuthi lokho kungokomBhalo ukuba benze lokho, uyakholwa na?"

Wathi, "Qhabo." Kodwa wathi, "Ingabe iNkosi ayizange ikubize ukuthi ukhulekele abagulayo na?"

Ngathi, "Yebo."

Wathi, "Awu, kungani, ungahlali nalokho na?"

Ngathi, "Ngiyahlala."

Futhi wathi, "Ake, uma Ikubizile ukuba ukhulekele abagulayo, vumela—vumela—vumela abashumayeli bakunakekele lokho."

Ngathi, "Kodwa abakwenzi."

Wathi—Wathi, "Kungani . . . "

Ngathi, "Ngi—ngifanele . . . "

Wathi, "Ngani, iningi labantu e . . . Ngiyazi, ngiqagele, abantu abayisigidi bakuthatha njengomprofethi."

Ngathi, "Angiyena umprofethi."

Wathi, "Kodwa abantu bacabanga ngawe ngaleyo ndlela." Wathi, "Ngokusobala, ngikuthatha kanjalo mina uqobo."

8 Ngathi, "Ngiyabonga." Ngathi, "Kwesinye isikhathi Ingibonisa izinto ezizayo, futhi Ayikaze iqambe amanga kimi namanje, futhi Ayisoze, ngoba InguNkulunkulu, Ingeke."

9 Futhi wathi, "Awu, uma uyinceku kaNkulunkulu kanjalo, kungani ungabafundisi labo besifazane nezinto ukuthi zemukelwa kanjani iziphiwo eziphakeme zomoya, esikhundleni sokuqhubeka nokuqophisana nabo ngokugunda izinwele zabo, nokugqoka izikhindi, nokuzipenda, nezinto na?" Wathi, "Ubufanele ubafundise izinto ezinkulu ngokwedlulele, nokuthi bangemukela kanjani iziphiwo ezinkulu, futhi benze okuthize."

10 Ngathi, "Uzoyifundisa kanjani ongwaqa kuyilapho bengalaleli ngisho no-ABC wabo na? Funda lokho, futhi khona-ke sizoqala kokunye."

11 Kuzwakala kungukuthuka okungcwele, umfundisi omdala (Ngiyabonga.), umfundisi omdala ngesinye isikhathi wahamba wayobamba u—umhlangano endaweni, futhi wathi—washumayela ubusuku bokuqala ngokuphenduka, ubusuku

besibili ngokuphenduka, ubusuku besithathu, ubusuku besine, ubusuku besihlanu. Amadikoni ahlangana naye emuva lapho ayesethi, "Mfowethu, siyawujabulela lowomlayezo ngokuphenduka." Kodwa athi, "Awunayo yini enye into ongashumayela ngayo na?"

Wathi, "O, yebo. Kodwa lindani baze baphenduke bonke kuqala, bese kuthi-ke sizoqala kwenye into."

12 Ngakho, ngingena endlini kaNkulunkulu futhi ngibona yonke into iklelile ibukeka kahle, khona-ke sizoqala enye into. Niyabo? Ngakho—ngakho si . . . Wena . . . Ngiyalangazelela umkhuleko wenu, angizisho lezozinto ukuthi ngibe mubi, niyakwazi lokho, ngi—ngiyashisekela. Ngamadodakazi kaNkulunkulu, ngamadodana kaNkulunkulu, futhi besifanele siziphathe kanjalo, besifanele senze njengakho futhi sizame ukuqhamuka nakho. Ngimfushane kakhulu futhi ngicela imikhuleko yenu ngami, futhi ngiyanikhulekela.

13 Ngakho, sizokhulekelana ndawonye, futhi mhlawumbe ngolunye usuku uNkulunkulu uzosihlanganisa sonke ndawonye e*ntweni ethile* enkulu ezosikhipha kuso sonke lesiphithiphithi lapha noma kanjani. Sengithi ukukhathala yilendlu yezinambuzane endala empeleni, awunjalo na? Ngingathanda ukuthatha ukundiza ngedwa, ngokunye kwalokhu kusa, lapho Efika.

14 Manje, ngikhiphe izolo ebusuku, ukuthi emva kokukhuluma ngejubili, futhi ngibiza ukubuyela emuva ePhentekoste lasekuqaleni, naseMlayezweni, Ngithe kulobubusuku ngizozama ukukhuluma kancanyana ngokuthi ubuyela kanjani emuva. Niyazi, asikho isidingo sokutshela noma ubani ukuthi enzeni, ngaphandle uma ubatshela ukuthi bakwenze kanjani. Yileyo into.

15 Manje, kukhona—indikimba engifuna ukuyifunda, ngiye nga—ngiye ngayisebenzisa ngaphambilini, kodwa mhlawumbe hhayi ncamashi ngalendlela, kodwa ngicabange ukuthi ingenakhaxa, futhi kufanele ngiyilethe ngaleyondlela. Ngakho, ngicabanga ukuthi ukuletha lokhu ukuthi ubuyela kanjani emuva, futhi i . . . ziningi izindlela zokuphuma, kodwa iyodwa kuphela indlela yokubuyela emuva.

16 Bengi . . . Omunye umfo washo ngesinye isikhathi e—ezintabeni, waye . . . sasiphezulu lapho, omunye umfo kanye nami, esasingabaholi abanikwe imvume eColorado, wayeneqembu labantu ngakolunye uhlangothi, izimpahla ezincane zomfo, futhi bengenisa abanye abafo lapho, nomholi qobo lwakhe walahleka, futhi wayezulazula emuva lapho. Washayela phezulu lapho esasikhona egibele ihhashi. Wathi, "Yeyi . . . " Lomfo owayenami, uMnu. Jeverez, wayethi ukuba ngumuntu okhuluma ngokushesha.

Wathi, "Yeyi," wathi, "uphuma kanjani lapha na?"

Wathi, "Ungene kanjani lapha na?"

Wathi, "Ngaleyondlela."

Wathi, "Awu khona-ke, yileyo indlela yokuphuma." Ngakho-ke, indlela yokubuyela emuva futhi, ngakho yilokho-ke, khona nje.

17 Asifunde manje eNcwadini yamaKhosi esiBili, esahlukweni 1 samaKhosi esiBili, amavesi amabili noma amathathu. Bese kuthi-ke sifuna ukuthatha i—indaba bese siyisebenzisela indikimba: *Indlela Yokubuyela Emuva.*

> *UMowabi wahlubuka kwa-Israyeli emva kokufa kuka-Ahabi.*
>
> *U-Ahaziya wawa eheleni lekamelo eliphezulu laseSamariya, wagula: wathuma izithunywa, wathi kuzo, Hambani,* futhi *nibuze kuBali Zebubi unkulunkulu wase-Ekroni ukuthi ngiyakusinda yini kulesi sifo.*
>
> *Kepha ingelosi yeNKOSI yathi* ku-*Eliya waseThishibi, Sukuma,* futhi *ukhuphuke* futhi *uhlangane nezithunywa zenkosi yaseSamariya, uthi kuzo, Akungoba kungekho Nkulunkulu kwa-Israyeli, nihamba niyobuza kuBali Zebubi unkulunkulu wase-Ekroni na?*

18 Kwase kuthi-ke, ngizwe uMfowethu Moore, emizuzwaneni embalwa edlule kulayini wocingo wokuxhumana ngaphakathi kwesakhiwo lapho, ekhuluma, futhi ubengazi ukuthi ngizofunda lokhu kube indikimba ekukhulumeni ngebhalisamu. Futhi ngifuna ukufunda lokho kuJeremiya 8:22:

> *Ibhalisamu alikho kwaGiliyadi na; inyanga ayikho lapho na? Pho kungani impilo yendodakazi yabantu bami ingasindi?*

19 Umbuzo: "Kungani? Kungani impilo yabantu baMi ingasindi na?"

20 Manje, ngingathanda ukusho ukuthi sijabule kakhulu ukujabulela lesisikhathi esikhulu senhlanganyelo, futhi ngethemba ukuthi iNkosi ngeke ivumele noyedwa umuntu ukuthi angene lapha ngaphandle kokusindiswa, nalowo ongenaMoya oNgcwele, kodwa lowo oyogcwaliswa ngoMoya oNgcwele, futhi wonke umuntu ogulayo aphulukiswe. Ngibheke ngabomvu lokho, futhi siyakukholwa.

21 Manje, indaba yethu iqala ngokuthi, kulobubusuku, ngabantu abebekade, njengayizolo ebusuku, babedelile kuNkulunkulu. Futhi leyo yinto edabukisa kakhulu ebengingacabanga ngayo, ngomunye, ikholwa, elikude noNkulunkulu. Futhi siyathola lapha, ukuthi lenkosi yaseSamariya, u-Ahaziya, isizathu sokuba abe kude noNkulunkulu, ngoba wayenohlobo olungalungile lokufundisa,

uhlobo olungalungile lokukhuliswa. Unina wayengumhedeni, noyise wayengumIsrayeli ohlubukile, u-Ahabi. Futhi kusukela lapho, wayengakhuliswanga kangako endleleni yeNkosi, nakuba ngabantu . . .

22 Futhi, uNkulunkulu akakaze aZishiye engenafakazi. Futhi, uNkulunkulu wayenofakazi ngalolosuku, kodwa uyise wayemzonda lofakazi, negama lakhe kwakungu-Eliya, umprofethi, nonina wayemzonda lofakazi, kodwa nokho, kwakungufakazi kaNkulunkulu, wama ngokufanayo nje.

23 UNkulunkulu ubelokhu enabantu ndawana thize Angakhomba kubo futhi athi, "Yilokho-ke." O, ngifuna ukuba phakathi kwaleso sibalo. Ngiqinisekile ukuthi sonke siyafuna ukuba lapho, kuyisifiso sayo yonke inhliziyo. Sifuna ukuba phakathi kwaleso sibalo uNkulunkulu angathi, "Laba ngabantu baMi. Babheke, bayisibonelo salokhu engiyikho. Babonakalisa ukuPhila kwaMi kokwabo, banikele ngempilo yabo, futhi ngibonakalisa okwaMi, ukuPhila, ngokwabo." Yeka into enhle! Yeka i . . . Kufanele kumjabulise kanjani uNkulunkulu ukwazi ukuthi Unomuntu Angathembela kuye, futhi Wayenomuntu, negama lakhe lalingu-Eliya.

24 Futhi manje, lo muntu uNkulunkulu wayembusisile, akuzona njalo izibusiso eziphathekayo ezisho ukuthi u—ulungisene noNkulunkulu, ngoba Wenza ababi baphumelele. Kodwa le ndoda yayi—yayilandele esikhundleni sikayise, ukufa kukayise, no-Ahaziya wayemandulele, futhi wayehamba ngqo ngendlela efanayo uyise ayehamba ngayo, nonina, enza okungalungile phambi kukaNkulunkulu.

25 Futhi wawa eheleni lekamelo eliphezulu endlini yakhe, wagula, mhlawumpe, mhlawumbe kwamhlafaza ngaphakathi, opha ngaphakathi, noma—noma isifo esithile sangena, mhlawumbe isifo esithelelanayo ekuweni kwakhe, kungahle ukuba kwaphula izimbambo zakhe, noma kwambhoboza amaphaphu akhe, noma okuthize, ukuthi wayegula kakhulu. Futhi wayezibuza ukuthi ngabe uzophila noma qhabo, futhi ngakho, esikhundleni sokuhamba, enze lokho abefanele ukukwenza, wathuma izithunywa ezithile, mhlasimbe umlindi wesigodlo ayenethemba kuye, wabathuma e-Ekroni, kunkulunkulu, uBelzebule, udeveli, umbhuli laphaya, ukuba abuze ukuthi wayezophila noma qhabo.

26 Manje, bekungaba into ewubuhlaza kanjani leyo kumuntu, owayeyinkosi phezu kwe, owayefanele abe yiyo, abantu bakamoya, abantu ababekholwa kuNkulunkulu, futhi nokho, umholi wabo uqobo ebonisana ngokunye ngaphandle kwento abefanele abonisane ngayo. Niyabo? Ubefanele azi . . . Wayeyazi imithetho, kwakukhona abapristi ezweni, kwakukhona amabandla, nokunye nokunye, futhi kwakukhona umprofethi

owayeneZwi leNkosi. Futhi esikhundleni sokwenza lokho, wayefuna ukuthatha indlela ethandwa kakhulu.

27 Ngicabanga ukuthi yilokho okuyinkinga namuhla, sifuna leyo—leyondlela ethandwa ngabantu kakhulu. Futhi lapho uNkulunkulu enza indlela, abantu bayadeda kuYe, futhi uNkulunkulu wenzela labobantu indlela ukuba babuyele kuYe, njengoba bengikhuluma ngakho izolo ebusuku, futhi abantu bayenqaba ukukwenza, khona-ke uNkulunkulu uyabuza, "Kungani?" Uhlale ekubuza lokho, "Kungani ungakwenzanga na?"

28 Ngakho, uma Enza indlela futhi senqaba ukuyenza, khona-ke—khona-ke Uyabuza ukuthi kungani singakwenzanga. Futhi ngingamane ngikulungise lapha, kunokuba ngilindele Yena ukuthi angibuze ekwaHlulweni ukuthi kungani ngingakwenzanga. Ngi...Izono zabanye abantu zihamba phambi kwabo, ezinye ziyalandela, ngifuna ezami ziqhubeke phambi kwami, zivunywe. Futhi khona-ke, ngi—ngifuna ukuba ngolungile lapho sekufika leso sikhathi.

29 Njengoba umfowethu omdala, oyikhaladi asho, "Uyazi, kudala," wathi, "Ngakhuluma neNkosi, futhi ngaYitshela ukuthi ngangifuna indlela yami icace. Angizange ngifune nkathazo, lapho ngehlela emfuleni." Ngakho, ngicabanga ukuthi lokho kungendlela sonke esizizwa ngayo, lolohlobo lokukukuzwakalisa, ukuthi asifuni nkathazo emfuleni, ngoba kuzoba yisikhathi esibi kabi sokufuqa, sokushova, ngaleso sikhathi. Ngakho, sifuna ukuqiniseka ukuthi silungile.

30 Manje, lenkosi, kwakukhona indlela eyayihlinzekelwe yena ukuba athole eNkosini, kodwa wenqaba ukukwenza. Wase-ke uNkulunkulu ethatha indlela yaKhe ehlinzekiwe, okwakungumprofethi waKhe, futhi...Mhlawumbe inkosi ayizange ngisho imcabange lo mfo onobuhwanqa, onempandla lowo owayengacatshangwa kahle kakhulu phakathi kwabantu. Umlayezo wakhe wawuhlala ugxeka, futhi uluma, futhi usunduza, futhi...abantu nxazonke, ngoba wayengeke enze lutho olunye, wayengumprofethi. IZwi leNkosi liza kumprofethi, futhi umprofethi uzomele ame eZwini, futhi lapho iZwi lingalalelwa, akukho okungenziwa ngaphandle kokusola. Yilokho kuphela. Ngakho, lomfo wayengaqondile ukuba mubi, wayefanele akwenze nje, ngoba wayengabuswa yimicabango yakhe uqobo, wayebuswa uMoya kaNkulunkulu.

31 Futhi yileyondlela sonke okufanele sibe ngayo, sibuswa uMoya kaNkulunkulu. Futhi uma sinjalo, khona-ke sibona isono, siyasigulisa, kukhona okuthize ngaso, kwaze ngisho kwadabukisa inhliziyo kaNkulunkulu ngesinye isikhathi ukuthi Wake wenza umuntu, ngoba isono sasibi kabi emhlabeni.

32 Manje, ngakho, wabuza...UNkulunkulu wayenendlela ngaye yokuba akwazi, kodwa akazange athathe leyondlela,

wathatha indlela ethandwa ngabantu kakhulu eyayikhona phakathi kwabantu. Futhi ngi—ngiyakuzonda ukukusho lokhu, kodwa sihlala sibona iziqubulo, "Melika Buyela kuNkulunkulu," "Buyela eHoreni likaNkulunkulu," nezinto ezinjalo, kodwa into yakho ingukuthi, bafuna ukubuyela emuva ngendlela umuntu azuze ngempumelelo ngayo ukuba babuyele emuva. Bafuna ukubuyela emuva ngendlela engeyabo uqobo yokucabanga, indlela engeyabo yokwenza, futhi ngokuvamile kuphambene nendlela kaNkulunkulu yokubuya. Bese kuthi-ke, uma benqaba indlela ehlinzekelwe bona nguNkulunkulu yokuba babuye, khona-ke ba . . . UNkulunkulu uyababuza, "Kungani? Kungani nikwenze ngaleyondlela na?"

33 Manje, njengoba sibiza i—isikhathi manje, i . . . kwakuvamise ukuba omongameli ababethi, "Sizobiza i—imizuzu eyishumi nanhlanu yomkhuleko," yonke imishini yama. Lokho akusoze kwakwenza, kuzofanele kuthathe ukuhlukana, kuzofanele kuthathe ukufa nya, kuzofanele kuthathe ukuphindukuzalwa. Akuthathi ihora lokukhuleka, kuthatha *uze* ubuye. Kungukubuyisela emuva, ukubuyela emaqinisweni okukholwa, nokubuya hhayi ngisho ekutheni . . . ukuthi akukhona okuthile okucabangayo, noma isimemezelo sezivumokholo, noma—noma okunye, ngokusebenzisa ithuluzi elithile lomuntu, kodwa kungokwazi uKristu qobo lwaKhe, ukuMazi, hhayi ngisho neZwi. Yena . . . Uma uMazi, uyalazi iZwi, ngoba UyiZwi. Khona-ke kufanele ubuyele kulelo qiniso.

34 UNkulunkulu ufuna ukuzibonakalisa Yena uqobo ngabantu baKhe, futhi ibandla lifuna ukuzibonakalisa lona uqobo kubantu: izibalo eziningi, izixuku ezinkulu, abantu abacebile, nokunye nokunye kanjalo, abagqoke kangcono. Yilokho okusifake esiphithiphithini esikuso, besingaba ngcono uma sonke sigqoka indwangu yesaka, bekungaba ngcono ukuba besingenamsebenzi, besiya endlini yomunye nomunye, no—nokubona ukuthi singathola yini okuthile esingakudla. Ngingancamela ukuba njalo . . . bheka ibandla likulesosimo, futhi nokho ligcwaliswe ngoMoya, kunokulibona lipholishwe kahle futhi ligqoke kahle, nezinto ezinkulu, bese-ke lifa eMoyeni.

35 UNkulunkulu wenza indlela, futhi siyayenqaba, asibuyi ngendlela Asihlinzekele ngayo ukuba sibuye. Futhi uHezekiya wenza into efanayo, wayenjengabaningi bethu namuhla, wayenenkani kakhulu nje, wayengafuni nje uku (nokho wayazi ukuthi u-Eliya wayephandle lapho ehlane, wayazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu eZulwini, kodwa wayefuna ukuthatha indlela ethandwa ngabantu kakhulu, aye ngale lapho bonke abantu, ngomprofethikazi ababenaye lapho, u, mka-Ahabi, uJezebeli, futhi wayengumhedeni, futhi babefuna ukuya e-Ekroni, futhi babuze kwesinye sezithixo, uma ebuya), ngoba ngokuba eyinkosi, uma eyoze—zehlisa, azithole engathandwa

ngabantu. Inkathazo leyo.

36 Yinkathazo leyo, indlela abesifazane bethu abenza ngayo namhlanje. Kungalesosizathu ukuthi amadoda, ukhuluma ngobuKristu, athi, "Ngingoka*s'bani-bani*." Lokho akuhlanganise lutho nakho. "Ngi—ngingahle ngibe ngowenhlangano *ethile*," lokho namanje akusho ukuthi ungumKristu. UbuKristu abubandakanyi ukujoyina okuthile, UbuKristu bubandakanya u—umndeni, ukuzalwa emndenini, ungumKristu ngokuzalwa.

Kodwa kuthandwa ngabantu kakhulu ukuba uthi, "NgiyiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, noma okuthize, ngi—ngiyi*lokho*."

37 Ekutheni, "Ngi . . ." uthi, "Ngizelwe kabusha ngoMoya kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele ufikile phezu kwami, futhi ngiyisidalwa esisha kuKristu": leyo yi—leyo yiyona ndlela.

38 Kodwa inkosi yayifuna ukuthandwa ngabantu, futhi yileyondlela abantu abakuthatha ngayo namhlanje. Futhi bangahle babeke imvuselelo ezweni lonke, futhi babe neziqubulo zokuthi "esinye isigidi eminyakeni e*miningi kangaka*," noma bakhulise ubulungu babo kanye nomfundaze wabo na*nani okunye*. Futhi ngeke neze, neze . . . Uya kude ngaso sonke isikhathi. Indlela ebuyayo, uNkulunkulu unendlela ebuyayo. Ngifuna ukukhuluma nani ngaleyondlela ebuyayo, futhi ufanele ubuye ngendlela uNkulunkulu akuhlinzekele yona ukuba ubuye ngayo.

39 Manje, ake sikhulume ngalawa . . . lenkosi okomzuzwana nje. Isizathu sokuthi yayingafuni, ngoba yayinenkani. Ayizange nje . . . Yayifuna nje ukufana nabanye abantu. Yayinezindlela ezingezayo uqobo, futhi yayifuna ukuba ngaleyondlela, futhi yayifuna ukuba njalo . . . ibuye ngendlela ethandwa ngabantu. Futhi, yayingafuni ukuthatha indlela uNkulunkulu ayeyihlinzeke ngayo, ngakho yavele yamshaya indiva lowomprofethi, nokuthi umprofethi wayezothini ngoba, ngokungangabazeki, umprofethi wayezomtshela kabuhlungu, "Phenduka. Lungisana noNkulunkulu, awukufanele ukuba yinkosi." Futhi o, lokho bekungalengisa kanjani izimpaphe zakhe phansi phambi kwabantu, niyabo, njengenkosi. O, he, ya, ayikwazanga ukukumela lokho.

40 Ngakho, mhlawumbe udeveli laphaya, futhi—futhi isithixo siyothi, "O, Nkosi enkulu, Dkt. *S'bani-bani*, ulungile . . ." Niyabo? Yayingathandwa phakathi kwabantu futhi ibe negama elikhulu, elidumile. O, abantu bathanda kanjani ukutuswa kwezinto. Futhi ngakho, yacabanga ukuthi uma ingathola lokho, ngani, ibiyovaleleka phambi kwabantu, ibiyoba yindoda epholishekile phambi kwabantu. Futhi, ngithemba ukuthi niyifunda ivaliwe lokho engikuhlosile. Ngakho-ke, yayicabanga ukuthi yayiyoba umuntu omkhulu ngalesosikhathi. Kodwa

yayingeke yehlele kulowo muntu owayezoyitshela iqiniso, futhi ngempela yayicabanga ukuthi yayibeka okuthile phezu kwakhe. Ngakho, yathumela izinceku. Yathi, "Dlulani nibuze kunkulunkulu wase-Ekroni, uBelzebule, ukuthi ngiyakusinda yini kulesi sifo noma qha."

41 Futhi iNkosi uNkulunkulu iyayazi inhliziyo yawo wonke umuntu, Iyayazi inhloso. Futhi Yathi. . . Awukwazi ukufihla lutho kuNkulunkulu. Qhabo, mnumzane. Yathi, "Yenyukela lapho emgwaqeni futhi umhlangabeze, futhi umbuze ukuthi kungani enza into enjengaleyo. Ingabe kungenxa yokuthi kungekho Nkulunkulu kwa-Israyeli na? Ingabe kungenxa yokuthi ayinayo umprofethi na? Ingabe kungenxa yokuthi lezi zinto azikho na? Manje-ke, kungani engawelanga futhi enze into enjalo, nokho engumIsrayeli na?"

42 Ngiyazibuza ukuthi kungani amadoda nabesifazane bezama ukuhlela abantu enhlanganyelweni ye—yehlelo, esikhundleni sokubabuyisela esisekelweni sokuqala. UNkulunkulu uyazi ngakho, kodwa kuyindlela ethandwa ngabantu kakhulu. "Ngingoka*s'bani-bani*. NginguDkt. *S'bani-bani* ovela enhlanganweni *ethize-thize*. Ngivela ePurdue. Ngi—nginomfundaze ka*s'bani-bani*. NginePh.D. yami, eyami iLL.D." Lokho akusho lutho kuNkulunkulu, lutho nhlobo.

43 U-Eliya kungenzeka ukuthi wayengenayo iLL.D., noma iPh.D. Ngokusabala, asazi lutho ngaye, wavele wafika enkundleni wabe esephuma ngendlela efanayo. Asazi ukuthi ubaba nomama wakhe kwakungubani, asazi lutho ngaye, kodwa uNkulunkulu wayazi ngaye. Wathola indoda Ayengayisebenzisa, futhi Wathola indoda eyayingesabi. Akunandaba, uma isizwe sonke simelene naye, usabiza okumnyama, "mnyama," nokumhlophe, "mhlophe."

44 Nkulunkulu, sithumele omunye. Kunjalo. Sithumelele umuntu othize ongesabi, umuntu othize okungadingeki abe nokuhlonishwa nokutuswa ngabantu, umuntu othize obheka kuNkulunkulu kuphela, futhi okholwa uNkulunkulu, futhi okhuluma iqiniso. Lowomuntu uzokwenza lokho, uNkulunkulu uzoliqinisekisa leloqiniso ukuthi liyiqiniso.

45 Ngitshele, ngubani owayengavala amazulu ngezinsuku zokukhuleka kwakhe na? Ingabe i-Ekroni. . . unkulunkulu wase-Ekroni engakwenza na? Ingabe unkulunkulu wase-Ekroni wayengenza izinto ezenziwa u-Eliya na? Impela akunjalo. Kwabonisa ukuthi kwakukhona uNkulunkulu ophilayo eno-Eliya. Kodwa lendoda yayinamathele kakhulu, futhi yagqama, yaze yangafuna ukuzehlisa entweni enjalo.

46 Kodwa u-Eliya wazibhinca, wenyukela lapho futhi wema endleleni, lomfo omdala obukeka enoboya emi phandle lapho, wayelingagqokile ijazi labefundisi basesontweni nokunye nokunye, kodwa wa—wayenobuso obunoboya, futhi mhlawumbe

ikhanda lakhe elinempandla lishiswe yilanga, nezinwele zakhe ziphumela ngaphandle, mhlawumbe ubungamxosha emnyango wakho ukuba ubenxiba, futhi wenyukela lapho futhi wama emgwaqeni kanjalo. IBhayibheli lathi wayenoboya yonke indawo, futhi wayebhince ngesiqeshana sesikhumba okhalweni, lokho kwakungeyona kakhulu kakhulu isudi yomfundisi wasesontweni, kodwa akakwazanga ukukhombisa noma yiziphi izincwadi ezimchazayo zokuthi uvela kukuphi ukuhlanganyela, kodwa mfowethu, wayenakho ngaphansi kwenhliziyo yakhe, wayesenhlanganyelweni noNkulunkulu, ngoba wayeno "ISHO KANJE INKOSI." Yileyo indlela ebuyayo. Wayeno-ISHO KANJE INKOSI. Kwakungekuningi ukuba ukubheke, kodwa ngaphansi kwalowomzimba omdadlana ozacile kwakushaya inhliziyo uNkulunkulu ayehlala kuyo.

47 Wasukuma wama lapho emgwaqeni esonge izandla zakhe, ebabuka bekhuphuka, ame endleleni yabo ngqo, futhi lapho besukuma, ngani, mhlawumbe weqa indlela yezinyawo, wema lapho. Wathi, "Buya, futhi ubuyele emuva, bese uyambuza, 'Kungani wenza into enjalo na? Ingabe kungenxa yokuthi akekho uNkulunkulu kwa-Israyeli na? Akanaye umprofethi angabuza ngalezi zinto na?' Ngoba ekwenzile lokhu, mtshele 'ISHO KANJE INKOSI, akehli kulowo mbhede.'"

48 O, he! UNkulunkulu uzosebenza indlela yaKhe, ngaphandle kwanoma yini omunye umuntu angayenza ngakho. UNkulunkulu uzokwenza, Uzokwenza ngendlela engeyaKhe uQobo. Ngeke sikuvimbe nhlobo, asizukukuvimbela ngisho. Yilokho kuphela. Uzokwenza noma kanjani. Uzoba neBandla, angikhathali ukuthi ubani othi Angeke, nokuthi bangaki abangakholwayo abavukayo, uNkulunkulu uzoba neBandla elingenabala noma umbimbi, Lizoba lapho. Useshilo ukuthi Wayezokwenza. A, ake silwele ukuba yingxenye yakho. Yilokho kuphela. Angahle athumele abashumayeli ezweni lonke beshumayela, wonke umuntu angahle abenqabe, abaphonse ejele, abakhahlele abakhiphele ngaphandle kwedolobha, Uzoba neBandla ngokufanayo nje. Njengoba uJohane omdala athi, "UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawa matshe." UNkulunkulu usenguNkulunkulu. Angakwenza . . .

49 Wathatha uPawulu omdadlana, lapho i—ibandla, esinqumweni sabo, lalenze iphutha, phakathi, lakhetha uMathiya, kodwa ukuthi uPawulu, umJuda onekhala elidadlana eliyihhuku, onolaka, Wathi, "Ngizokukhombisa ukuthi Ngizokwenzani ngaye." Wamenza omunye wabaphostoli abakhulu kunabo bonke babo bonke, ngoba kwakungumsebenzi kaNkulunkulu owenza okuthile.

50 Manje sithola lomprofethi ekhuluma eGameni leNkosi futhi embuyisela emuva. Nenkosi yathi, "Hlobo luni lwendoda ekumisile na?"

Wathi, "Ubengumfo obukeka ehlekisa," wathi, "ubenoboya yonke indawo, futhi ubenocezu lwe—lesikhumba ngasokhalweni lwakhe."

51 Wathi, "Lowo bekungu-Eliya waseThishibi." Wayazi ukuthi inombolo yakhe yayiphezulu, wayazi ukuthi kukhona okwakungalungile. Ngenkathi lowo-Eliya ebuya wayesethi, "Mtshele 'ISHO KANJE INKOSI, akehli kulowombhede,'" o, he, lokho kwakuxazulula.

52 Abantu namuhla bayabuza. Kufana nje ne—isiguli silele esitebhisini sikadokotela lapho udokotela enomuthi wesifo sesiguli, futhi isiguli siyenqaba ukuthatha lowomuthi ukuze sinokolotwe. Futhi, singase sibe seduze kakhulu nekhambi size sihlale ngqo esitebhisini somnyango kadokotela futhi sife, kungenxa yokuthi siyalenqaba ikhambi.

53 Futhi kuyinto efanayo ebandleni. Manje, bahlala esihlalweni sikanokusho ngqo futhi bafe beyizoni, bafe bengabangakholwa. Akungenxa yokuthi alikho ikhambi, kukhona iBhalisamu kwaGileyadi, kodwa kuyintando yenkani yabantu. Kukhona inala kaMoya oNgcwele, kodwa ngabantu abangawufuni.

54 UJesu wathi abagulayo badinga udokotela, kodwa kuthiwani uma udokotela eza futhi abagulayo bengamamukeli udokotela na? Khona-ke yini enhle udokotela abengayenza na? Thina sidinga uDokotela, futhi isiguli sidinga ukuthatha uMuthi waKhe, ngoba leli yizwe eligulayo, neBandla eligulayo ngesikhathi sokugula. Kunjalo.

55 Ngakho-ke, uma isiguli sifa sihlezi ezitebhisini zikadokotela, manje awukwazi ukusola udokotela uma efakazisa ukuthi unomuthi phakathi lapho oyikhambi, sasinomuthi phakathi lapho owesakhe—owesakhe . . . ikhambi leselapho saso. Futhi isiguli sihlala esitebhisini, "Manje, angingeni lapho." Ngani, ngaphakathi kukhona ikhambi!

56 Awu, unesifo *esithile*. Ngani, yena unekhabethe lemithi eligcwele lapho elizobulala lesosifo, isidakamizwa esiwushevu esizoshaya sikhiphe leso sifo. Nampa abanye, baphulukiswa, babheke. Babenaleso sifo, futhi abasenaso. Futhi udokotela unenqwaba yemithi, futhi uhlala esitebhisini bese uthi, "Awu, ngifika kude kangaka, uma efuna ngiphulukiswe, uzophumela lapha bese eyakwenza." O, qhabo. Qhabo, qhabo. Akukhona lokho. Qhabo, uzofela ezitebhisini, futhi ngeke kube yiphutha likadokotela, kanjalo ngeke kube ukuntuleka kwemithi, kungenxa yentando yenkani yabantu abangefune ukuthatha umuthi.

57 NeBandla liyafana. Sinenqwaba yomBhalo, sineNto ezoqondisa iBandla, sineNto ezokubuyisela lapho owawukhona eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, kodwa ufanele ufune ukuKuthatha, ufanele ufune ukusinda, iSelapho salezizifo, lezizifo zikamoya, ufanele ube naSo.

58 Manje, kuyinto eyingozi. Besinakho ezweni lakithi, manje nje, lowomgomo i-Salk, bacela wonke umuntu ukuthi awuthathe, bonke abancane nabadala, ukuba bagome kuloluvendle olwesabekayo, nawo wonke umuntu, izinkulungwane zangena ukuzowuthatha. Futhi benze kanjani—bakwenza kanjani lokho na?

59 Niyabo, uthola ekuthatheni imithi kadokotela, uyazi ukuthi izosebenza kwabanye abantu, futhi khona-ke ngeke usebenze kwabanye, ngoba lokho, niyazi, wonke umuntu akenziwanga afane. Manje, sinalomjovo kazifo zonke, ngiphatha ikhadi ephaketheni lami, ukuze uma ngingake ngithole ingozi, udokotela akumele neze anginike umjovo kazifo zonke, uyongibulala. Ngakho, uzobulala abanye abantu futhi usize abanye, ngoba lomjovo othakwe nohluzi lwezilwane awusebenzi kahle nje kubo bonke abantu.

60 Wake wacabanga, indlela abathola ngayo umjovo othakwe nohluzi lwezilwane, indlela abawenza ngayo na? Bafunda izincwadi, nosokhemisi bahamba futhi bathathe amagciwane athile, futhi bawaxube ndawonye, nobuthi obuhlukahlukene, baze bathole ifomula, into engeke ibulale isiguli, kodwa ezobulala igciwane, futhi yileyondlela esebenza ngayo. Bese behlanganisa konke lokhu, bese beyozitholela isilwane okuhlolwa ngaso umuthi, futhi bathola inaliti ende, bese behlaba lena esilwaneni okuhlolwa ngaso umuthi, futhi basijova sigcwale yona, bese kuthi-ke uma isilwane okuhlolwa ngaso umuthi sisindile kuyo, khona-ke bayijova kuwe, bese bebona ukuthi uyasinda yini kuyo. Awu manje, lokho kulungile, benze izinto ezinkulu, niyabo, ekwenzeni lokho, kodwa yileyo ndlela abathola ngayo ukuthi bangasebenza kanjani kubantu.

61 Manje, uthola ukuthi wonke umuntu akenziwanga njengesilwane sokuhlola umuthi nje, ngakho a—akusebenzi kuwo wonke umuntu. Kodwa ngifuna ukunitshela into eyodwa: umnokoloto kaNkulunkulu usebenza kuwo wonke umuntu, Uzosebenza kuwo wonke umuntu, Uzo—Uzosiza wonke umuntu oWuthathayo.

62 Futhi uNkulunkulu ubuza umbuzo, "Alikho yini ibhalisamu kwaGileyadi, noma ayikho iNyanga yini lapho na? Khona-ke uma kukhona, kungani indodakazi yabantu baMi ingasindanga, ukugula, ubuthakathaka, bendodakazi yaMi?" Lokho kungaba yiBandla, "indodakazi yabantu baMi," okungukuthi, iBandla le-Orthodox, Wayekhuluma nathi ngqo. "Indodakazi yabantu baMi ayisindanga esifweni sayo. Ingabe kungenxa yokuthi asinayo iNyanga, noma asina—na . . . Akanawo umuthi angasebenza ngawo, akukho bhalisamu, akunaNyanga na?"

63 Manje, sitshelwa isayensi yezokwelapha namuhla, esiyithakasela kakhulu ngalezizinto, ukuthi uma sinalobu buthakathaka obuhlukene futhi sihluleka ukuthatha le

minokoloto, kuyinto eyingozi, ungahle ulahlekelwe ukuphila kwakho uma ungawuthathi.

64 Siphila osukwini lwe—lwesono nokugula. Sinokugula okuningi kunalokhu esake saba nakho, ngoba kunesono esiningi ne—nezinto esike saba nazo, kulapho kuvela khona ukugula, ukugula kuyimiphumela yesono. Ngaphambi kokuba sibe nanoma yikuphi ukugula sasingenasono, futhi isono salandela ukugula, niyabo, ngiqonde ukuthi, ukugula kwalandela izono, ngicela uxolo. Babenesono kuqala, nemiphumela ye—yesono yaletha ukugula. Manje, futhi ngakho-ke, manje, njengoba isono sanda, ukugula kuyanda. Futhi sinodokotela abangcono kunabo bonke esake saba nabo, sinemithi engcono kunayo yonke kwesake saba nayo, sinezibhedlela eziningi ukwedlula esake saba nazo, sinamadoda aqeqeshwe kangcono kwesake saba nawo, futhi sinokugula okuningi kwesake saba nakho. Kungani? Sinezono eziningi kwesake saba nazo. Sinabantu abaningi, futhi lapho abantu beqala ukwanda, khona-ke kungena isono nobudlova.

65 Lamadolobha amakhulu, akufani nokuhlala ngaphandle emaphandleni, amadolobha abiyelwe ngezindonga esikhulume ngawo izolo ebusuku, thathani lamadolobha abiyelwe ngezindonga, nihlala nithola isono. Futhi uma sithola lolu olunye uhlobo lwamadolobha kamoya abiyelwe ngezindonga, uhlala uxuba yonke into nawo, isono futhi.

66 Manje, siyathola, odokotela basitshela ukuthi umbulali ohamba phambili yinkathazo yenhliziyo. Awu, angiphikisani nodokotela, ngoba angiyena udokotela, kodwa ngisho into eyodwa, umbulali ohamba phambili akayona inkathazo yenhliziyo, umbulali ohamba phambili yinkathazo yesono. Isono singumbulali ohamba phambili, hhayi inkathazo yenhliziyo.

Abaningi namuhla bathi, "Uyazi, Mfowethu Branham, wena—wena—wena usho lezi zinto kanzima kakhulu, kufanele sone kancane nsuku zonke, kufanele sone nje."

67 Omunye uthi, "Uyazi, Mfowethu Branham, ngiyakuzwa uyakulahla ukubhema," futhi ngiyakholelwa ukuthi abantu akufanele babheme, ngiyakholelwa ebungcweleni, ekuhlanzekeni, kukho konke, umphefumulo, umzimba, nomoya, futhi wathi, "thina . . . ngifanele ngibheme nje. Ngi—ngifanele nje ngibheme kancane, ngifanele ngikwenze nje."

Futhi sizwa abaningi besho lokho "Ngifanele ngiphuze isiphuzo sokuzijabulisa esincane ukuze ngibambe umsebenzi wami."

68 Sizwa abesifazane bethi, "Ngifanele nje ngigunde izinwele zami futhi ngigqoke izingubo zami zesimanje ukuze ngigcine ukuma kwami kwezenhlalo yomphakathi esontweni lami, uma ngingakwenzi, abesifazane bathi ngibukeka ngimdala kakhulu."

69 Ngixolele, kodwa ngizosho okuthize: Lokho wubufebe bePentecostal. Kunjalo. Isizathu sokuthi bakwenze yingoba abakawuzami umnokoloto. Abakawuzami uHluzi lwezilwane kaNkulunkulu wesono nalezi zinto. Kunjalo.

70 Manje, ngizonitshela nje indlela ebuyela emuva. Uyafuna ukubuya na? Ufanele unokolotwe. Kufanele uthathe iBhalisamu kaNkulunkulu, uMjovo othakwe nohluzi lwezilwane kaNkulunkulu. UnaWo, UyiSelapho sesono esiphindwe kabili: iGazi likaJesu Kristu. INdodana kaNkulunkulu uQobo, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, iyakuhlanza esonweni futhi ikugcwalisele inkonzo. Yileyondlela okufanele sibuye ngayo, kungalezo zakhi lapho. Awudingekile ukuba wenze lezo zinto, awudingekile ukuba ukwenze. Futhi sona kanye isizathu sokuthi ukwenze . . .

71 Omunye umfundisi wathi kimi esikhathini esingeside esidlule, wathi, "Mfowethu Branham, ngikholwa ngempela ukuthi lombhaphathizo kaMoya oNgcwele okhuluma ngawo uyiqiniso, Ngiyakukholwa ngempela lokho." Wathi, "Ibandla lami lifundisa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, kodwa sikholwa ukuthi samukela uMoya oNgcwele lapho sikholwa, ngesikhathi esikholwa ngaso, ukuthi u-Abrahama wakholwa nguNkulunkulu, futhi yena, kwabalelwa kuye kube . . . kwabalelwa kuye kube ukulunga."

72 Ngathi, "Lokho kuyiqiniso, kodwa-ke uNkulunkulu wabe esemnika uphawu lokusoka njengokuqinisekisa kokukholwa kwakhe." Ngathi, "Uma ungakaze uwamukele uMoya oNgcwele namanje, uNkulunkulu akakaze akubone ukukholwa kwakho." Kunjalo. Singabantwana baka-Abrahama.

Wathi, "Uma ngenze lokho, nokho, Mfowethu Branham, uma ngenze lokho, khona-ke bengizokhishwa ebandleni lami."

Ngathi, "Kuthiwani ngakho na? Ngakhishwa."

Wayesethi, "Awu mina . . ." wathi, "Awu, angikwazi ukwenza lokho."

Futhi ngathi, "Kungani ungakwazi ukukwenza na? Ngitshele nje ukuthi kungani ungakwazi ukukwenza."

Wathi, "Awu—awu, angikwazanga ukuthola eminye imihlangano noma kuphi."

73 Ngathi, "Umbhedo. Uma uNkulunkulu ekubizela eVangelini, Unendawo yakho yokuba ushumayele, Unomuntu othize ozokulalela. Impela. Kuzoba nothile ozolalela; ume ekhoneni lomgwaqo."

Uthi, "Bazongiphonsa ejele."

"Khona-ke shumayela kumgciniziboshwa," kunjalo, "umuntu othile." UPawulu wakwenza ngaleyondlela, bonke basindiswa. Yebo, mnumzane.

74 Wena uthi umele ukwenze. Qhabo, awumele. Isizathu sokuthi bakwenze, yingoba abakawuhloli lo mnokoloto, abakasithathi isiHlungu sakho okwamanje. Kukhona Okuthile okuzokwelapha lokho, okuzokwelapha lokho kwesaba onakho, kukhona Okuthile okuzokwenza ugqoke futhi uziphathe njengenenekazi, kukhona Okuthile okuzokwenza uphile njengomKristu, kukhona Okuthile okuzo—okuyokwenza ugcwale kakhulu uNkulunkulu uze ume futhi unikeze ubufakazi obuzonyakazisa amathayilzi aqaqeke phezu kwendlu, uma nje uzothatha umnokoloto, kodwa ufanele uthathe isiHlungu.

75 Unesifo, ngakho yinye kuphela into ongayenza, ukuthatha isiHlungu ukuze usisuse. Leyo yindlela yokubuyela emuva empilweni evamile yomKristu. Ibandla liyagula, lincanyana, linesifo sokushodelwa yigazi, linesimila, futhi asikho iselapho sasemhlabeni sakho; imfundo ngeke ikwenze, sikuzamile; ihlelo ngeke likwenze, sikuzamile, uzokwenza kube kubi kakhulu kuphela. Yinye kuphela indlela yokubuyela emuva, futhi leyo ingeGazi likaJesu Kristu, umnokoloto. Buyelani kuKristu, buyelani kuMoya oNgcwele, buyelani ekuPhileni okuPhakade futhi. Yileyo ndlela esingabuyela ngayo emuva.

76 Abantu bathi, "Kufanele ngenze lokhu ukuze ngigcine izinga lami nabantu." Akumele ukwenze, kukhombisa ukungashoni, kukhombisa ubugwala, nomshumayeli oyoma epulpiti futhi axegise ezimisweni zikaKristu ngoba isigejane esithile sababhishobhi siyamengama futhi simtshele, "Ufanele wenze lokhu, kungenjalo sizokukhipha enhlanganyelweni," uyigwala. Yima lapho, khuluma iqiniso, kungakhathaleki ukuthi inani lithini.

77 Bukani uStefanu ngalokho kusa, umfowethu omncane kaMoya oNgcwele, emi phambi koMkhandlu waseSanhedrin, isahluko se 7 seZenzo, sathi, "Nina madoda akwa-Israyeli, nina enakhileyo eJudiya," nokunye nokunye, "obaba bethu bakhuphuka kanjani eMesophothamiya," nokunye nokunye, waqala ukubatshela, wase-ke ephela, waqala, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwakhe, washo. . . wakhazimula, ubuso bakhe bakhazimula njengengelosi, wathi, "Nina bontamo zilukhuni, abangasokile enhliziyweni nasezindlebeni, nihlala nimelana noMoya oNgcwele, njengoba kwenza oyihlo, nani ninjalo." Whewu! Mm. Wayazi lapho ayemi khona, wayesazi isikhundla sakhe, ubuso bakhe hhayi, kungahle ukuba kwakhazimula njengokukhanya enhla lapho, kodwa ingelosi iyakwazi ekwenzayo; futhi ingelosi yisithunywa esithunywe nguNkulunkulu, ayidingi ukwehlisa, yazi ncamashi. Lezozimpisi ezihhewulayo eziyingxenye yesigidi zabefundisi basesontweni phandle lapho zilahla leyondoda, ngendlela eyayenza ngayo nezintshumayelo eyayizishumayela, uStefanu wema lapho wathi, "Anisokile enhliziyweni nezindlebe, futhi nimelana noMoya oNgcwele, njengoba kwenza oyihlo, kanjalo

nenza into efanayo." Wayebatshela indlela yokubuyela emuva kuNkulunkulu owavula uLwandle oluBomvu, noma abatshele, kuNkulunkulu owanisa izinhlupho eGibithe;

78 Kodwa abazange bafune ukuthatha indlela ebuyela emuva, ngakho basikhanda ngamatshe isithunywa. Awuyisusi ngaleyo ndlela, sisalokho sibambelele. Lowo owafakaza waba ngomunye wabo maduze nje, uPawulu. Kunjalo. Yebo. Abakasizami isiHlungu.

79 Uyasazi isizathu sokuthi bakwenze na? Bayesaba lokho kuzalwa kabusha, ngiqonde ukuzalwa kabusha kwangempela. O, wonke umuntu uthi, "Impela, ngikholwa ukuthi ufanele uzalwe ngokusha. Yebo, mnumzane." Yebo, kodwa lapho sekuziwa ekuzalweni kwangempela, bakholwa ukuzalwa okusha ngokuxhawula, besho isigejane sezivumokholo, noma *okuthize-okunye*, lokho bakubiza ngokuzalwa okusha. Lokho akukhona ukuzalwa okusha, bayesaba ukuzalwa okusha.

80 Lalelani, noma yikuphi ukuzala kungamahlaphahlapha, angikhathali noma kusehhokweni lezingulube, noma ngabe kukuphi, kungamahlaphahlapha, noma yikuphi ukuzala, kanjalo nokuzalwa okusha, kuzo—kuzokwenza ukuthi wenze izinto obungacabangi ukuthi ubuyoke uzenze, kodwa kuletha ukuPhila, futhi ngaphambi kokuba ube nokuPhila, ufanele ube nokufa. Ngaphambi kokuba imbewu izikhiqize yona, ifanele ife ngokwenqubo yayo, futhi ingafi nje kuphela, kodwa ifanele ibole, ukuze kukhishwe impilo entsha kuyo, ifanele ife futhi ibole kuyo uqobo. Futhi kanjalo sonke isoni. Wonke umuntu, kungenandaba ukuthi ufunde kakhulu kangakanani, nokuthi uphucuke kangakanani, zingaki iziqu anazo ebandleni, noma okunye nokunye, zingaki zalezi zinto, mangaki amakolishi afunde kuwo, ufanele afe olwazini lwenqondo olungolwakhe, ufanele afe kuye uqobo, ufanele afe kukho konke ukuba aphinde azalwe ngoMoya oNgcwele. Kuyomkhalisa, futhi "bhu-hu," futhi akhulume ngezilimi, futhi agxume phansi naphezulu, futhi aqhubeke njengohlanya, kodwa unoPhila okusha. Yilokho okudingekayo ukukwenza, ufanele abe nokuPhila okusha. Bayakwesaba ukuzalwa okusha, ukuzalwa kabusha kungamahlaphahlapha.

81 Manje, babiza ukuzalwa okusha, o, yonke into, "O, impela, ngiyakholwa ekuzalweni ngokusha." Futhi bathi bazelwe ngokusha, futhi baphike iZwi na? bathi banoMoya oNgcwele, futhi bathathe imiBhalo efundisa iBhayibheli ngokusobala, ukuthi Linjani, bese-ke bethi, "O, *lokho* kwakungokomunye unyaka," futhi niqonde ukuthi uMoya oNgcwele okini uzofakaza ku*lokho* wawungowomunye unyaka na? kuyilapho Athi, "Singesenu nesabantwana benu, labo abakude, nalabo iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Akakwazi ukuqamba amanga. Futhi, uma kukhona umoya kuwe ophika ukuthi lokho kuyiqiniso, khona-ke akusiye uMoya oNgcwele, ngoba uMoya

oNgcwele waloba iZwi. Amen. Lokho kuqine njengoba ngazi ukuthi kubekwa kanjani.

82 Kuthatha ukufa ukukhiqiza ukuphila. Ufanele ufe ekucabangeni okungokwakho siqu, ufanele ufe esayenseni yakho uqobo yezenkolo, ufanele ufele kuwe uqobo, ezindleleni zakho uqobo zomuntu; ufanele uphinde uzalwe, isidalwa esisha, isidalwa esisha. Ngaphambi kokuthi ube yilokho, awukwazi ukuba mbili ngesikhathi esifanayo, ufanele ufe koyedwa ukuze uzalwe koMunye. Futhi kuletha amahlahlapha, futhi kudala amahlahlapha futhi, kodwa wena u...unokuPhila okusha. Kwenza mehluko muni na? Ufanele ukwenze.

83 Uyazi, kwakunesikhathi lapho sasingakwazi ngisho nokunokolota abantu umkhuhlane wemfiva obanga ukushisa nokuqubuka kwezilonda emathunjini. Ngibuka umngane wami, umhlengikazi, ohlezi lapha engibhekile ngenkathi ngikhuluma lokhu, kodwa lokho kunjalo, ukuthi, uDadewethu Dauch, kwakukhona isikhathi lapho babengenawo umnokoloto womkhuhlane wemfiva obanga ukushisa nokuqubuka kwezilonda emathunjini, izinkulungwane zafa ngawo. Kwakunesikhathi lapho babengenawo umnokoloto wovendle, izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zabantwana abancane bafa, kodwa manje azisekho izaba, sinomnokoloto. Kunjalo. Kulungile.

84 Manje, kwakukhona isikhathi lapho lesi sihlungu, noma ibhalisamu esizosibiza ngesihlungu sikaNkulunkulu, ukuthi sasingaphelele kakhulu, ngoba sasibizwa...kwakungegazi lezimbuzi, nezimvu, nezinkomo, nokunye nokunye. Asizange sisuse isono impela, sasibekela isono nje. Indoda yayifanele ihambe unyaka nonyaka, yenze isivumo sayo nokunye nokunye. Kwakukhona isikhathi lapho kwaba, kunjalo. Kodwa manje isikhonzi, esake sahlanzwa asisenanembeza wesono. Futhi siyini isono na? Ukungakholwa. Ukungakholwa yini na? IZwi. Impela. Uma uthi uyamkholwa uNkulunkulu futhi uphika iZwi laKhe, ngani, awuMkholwa. Uma uthi, "Ngiyamkholwa uMfowethu Branham," uthi, "kodwa unephutha. U..." Awu, ungakwenza kanjani lokho na? Ubungeke ukwenze. Ngiyazi ukuthi ubunephutha, ngoba awungikholwanga. Futhi uma uthi uyamkholwa uNkulunkulu, futhi uphike iZwi laKhe, awu khona-ke, awumkholwa uNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu uyiZwi laKhe. Ungeke nje ukwenze, ufanele wemukele iZwi eliyindlela yokubuyela emuva, emuva ngeZwi-Ndlela, neZwi linguNkulunkulu.

85 Manje, siyakuthola lokho. Futhi, siyabona ukuthi, ngesinye isikhathi lowo mnokoloto wawungemuhle kakhulu, kwakukhona unembeza wesono njalo, futhi kwakufanele eze unyaka nonyaka futhi enze umnikelo wakhe. Kodwa manje, kumaHeberu, Lisitshela ukuthi uma isikhonzi sike sahlanjululwa, asisenawo unembeza wesono, noma kungenjalo,

asisafisi ukona, yonke into isukile kuso. Akusekho... Akudingekile ukuba wone nsuku zonke, awudingekeile wenze lezi zinto, ukwenza ngoba ufuna ngamabomu. Futhi isizathu sokuba ufune ngamabomu yingoba awuzange ufe kuwe uqobo. O, mfowethu, ngiyazi ukuthi lokho kuyashisa, kodwa kuhle. Amen. Lapho ufa kuwe uqobo khona-ke usuba yisidalwa esisha, khona-ke lezo zinto azisekho.

86 Futhi uma uzama ukwenza sengathi unazo ngaphambi kokuba ube nazo, kufana ne, ngathi ngolunye usuku, njengenyoni emnyama izama ukufaka izimpaphe zepigogo emaphikweni ayo, ithi, "Uyabo, ngiyi—ngiyipigogo." Ayiyona. Leyo yinto ethize eyinamathelise kuyo uqobo, kumele ikhule isuka ngaphakathi iphumele ngaphandle.

87 Futhi yileyo ndlela uMoya oNgcwele ayiyo, Awuyona into ethize oyigcobayo noma into efana naleyo. Ukuzalwa okusha, ufanele uzalwe ngokusha, nalamandla kaMoya oNgcwele afanele aphume ngaphakathi aphumele ngaphandle. Futhi lapho izwe nesono, nokugunda izinwele, nokupenda kuphuma kumelene neZwi likaNkulunkulu, kukhombisa ukuthi uMoya oNgcwele awukho lapho, lokho kuwubufakazi obuqondile. Ngakho, ungakubiza ngani na? Ubufebe bePentecostal, lokho kuqinisile impela, benza ubufebe bokomoya noNkulunkulu waseZulwini. Yeka ihlazo, ichilo okuyilo! O, kubi kabi lokho! Yebo, mnumzane.

88 Manje, sithola ukuthi lapho umuntu ezama ukuthola umjovo othakwe nohluzi lwezilwane, udokotela, ukunikeza isiguli sakhe, ukusinokolota ekuguleni, uqala awuzame esilwaneni sokuhlola umuthi, futhi abone ukuthi uzosebenza yini. Kodwa uNkulunkulu akakwenzanga lokho, Akazange athathe isilwane okuhlolwa ngaso umuthi, Wawusebenzisa kuYe uqobo. Udokotela omuhle ofuna ukuzama umjovo othakwe nohluzi lwezilwane, uma engazi ukuthi uzobulala noma welaphe, ufanele azithathele wona yena kuqala ukuze athole ngaphambi kokuthi awufake komunye umuntu.

89 Futhi uNkulunkulu, ukuze, athathe loMjovo othakwe nohluzi lwezilwane, wadingeka enziwe inyama futhi akhe phakathi kwethu, uMhlengi oyiSihlobo. Amen. UNkulunkulu wadingeka abe umuntu, ukuze Athathe uMjovo othakwe nohluzi lwezilwane. Futhi Waba nokunokolotwa kwaKhe eJordani, amen, ngenkathi Ephumela emfuleni ngoJohane futhi wabhaphathizwa, kwabe-ke sekwehla uMnokoloto. IsiHlungu sehla sivela eZulwini njengejuba, ithi: "Le yiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ukuhlala kuyo." Wanokolotwa.

90 Futhi masinyane emva kokufika kokunokolota, ukuhlolwa kuyafika. Futhi wonke umuntu, kuthi lapho ungemukela uMoya oNgcwele futhi unokolotwe, wonke amademoni aphuma esihogweni ayokuphendukela. Ngisho nomndeni wakho uqobo,

ngezinye izikhathi uyokwala: umyeni wakho, umkakho, umelusi wakho; uyaxoshwa ebandleni, uyahlekwa, kuhlekiswe ngawe; yisivivinyo. Amen.

91 UNkulunkulu uba yinyama, omunye wethu, ukuze Athathe ukunokolotwa, abe ngaphansi kwesono. Ngokuba Wazalwa ngowesifazane, Walingwa ngezindlela zonke njengathi, futhi Akakwazanga ukukwenza inqobo nje uma WayeseseMoyeni; Wayefanele abe yinyama ukuze, alingwe, ukuba athathe umnokoloto, ukuba athathe isiHlungu, Wayefuna ukufakazela ukuthi isiHlungu saKhe sasiqinisile. Amen. Ngakho WaWuthatha ngosuku uJohane amBhaphathiza ngalo ngenkathi isiHlungu sehla sivela eZulwini futhi saMgcwalisa.

92 Khona-ke kufika ukuvivinywa. Kwabamba kuzo zonke izivivinyo zokubhinqa, kwabamba lapho uSathane aMnika khona imibuso yezwe, ukuMnika izwe, nayo yonke imibuso, ukunokolota kwabamba, kwahlala kwanganyakaza. Izwe laMbheka, ibandla laMbheka, abagxeki baMbheka, udeveli wabeka zonke izivinyo kuYe ayengakwenza, futhi kwakusalokhu kubambelele. Amen.

93 Ngenkathi Ema phambi kwalesosigejane sabapristi abafundile, Wathi, "Ubani kini ongaNgilahla ngesono na?" Amen. Lokho kunokolota kwabamba lapho. "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke kholwani yimisebenzi."

Bathi, "Ungumuntu uzenza uNkulunkulu."

94 Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningakukholwa." Wathi, "Yiyo efakaza ngaMi, ikhuluma ngaMi, imisebenzi yaMi ikhuluma kakhulu kunokuba umlomo waMi ukwazi."

95 Kunjalo impela. Uyilokhu oyikho ngendlela ophila ngayo. Awuyilokho oyikho ngendlela okhuluma ngayo, noma indlela ogqoka ngayo, noma indlela oyiyo, ngendlela ophila ngayo, yilokho okwenza ube yilokho oyikho. Ingaphandle liveza okungaphakathi. Lesi sizukulwane esingenalutho, esingajulile, esidlala amakhadi, esibhema usikilidi esizibiza ngamaKristu, abesifazane abaphungule izinwele, abadansi, abazifela ngethelevishini, amahlaya angcolile, nizibiza ngamaKristu, nidinga ukunokolotwa. Buyelani ePhentekoste futhi! Kunjalo. Sidinga kakhulu.

96 Kwabambelela kuJesu lapho Evivinywa ngakho konke umuntu angavivinywa ngakho, sonke isilingo esake sehlela kumuntu sehlela phezu kwaKhe, kodwa lokho kunokolota kwabamba. Uma ufuna ukwazi ukuthi ngabe kuzobamba noma qha, ukuthi ngabe lento ilungile noma qhabo, buka kuYe, WayeyiSibonelo sakho. Kwabambelela kuYe, kwabambelela kuzo zonke izivivinyo; kwabambelela ngenkathi Ema lapho futhi

ekwazi ukwehlukanisa imicabango yabantu, futhi baMbiza ngoBelzabule, akaMmisanga, Waqhubeka ngqo ngendlela efanayo nje.

97 Lapho Eyazi imicabango ezinhliziyweni zabo, lapho Elunguza futhi watshela owesifazane esemthonjeni wayenamadoda amahlanu, watshela uPetru ukuthi lalingubani igama lakhe, nokunye nokunye, bathi, "Lo muntu ungumbhuli."

Manje, Akazange athi, "Awu, mhlawumbe nginephutha. Mhlaw-. . . " Kwabamba! Kungani? Wayazi lapho Avela khona.

98 Ngabuza ikilasi lami ngobunye ubusuku, ngenkathi sasishumayela ese-. . ., noma, isahluko se 3 sikaJohane oNgcwele, ngathi, "Ngizonishiya nibambelele kulokhu, kuze kube umhlangano olandelayo: Lapho uJesu emi lapho wayesethi, 'Akekho owakhuphukela phezulu ngaphandle kwaLowo. . . phezulu eZulwini, ngaphandle kwaLowo owehla evela eZulwini, ngisho neNdodana yomuntu eseZulwini.'" Lokho kuthatha ukunokolota. "Akekho owakhuphukela eZulwini, ngaphandle kwaLowo owehla evela eZulwini, ngisho neNdodana yomuntu eseZulwini manje," futhi nangu Wayemi, ekhuluma noNikodemu. Ibandla, bayadelela, bakushaya indiva cishe amahora ambalwa, bayeka ngokuqondile. Ngathi, "Kwafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu, Ungosezindaweni zonke." Kunjalo impela. Impela. Wanokolotwa. "AkuMina owenza le misebenzi. Kungukunokolota kwaMi, uBaba waMi ohlala kiMi, nguYe Owenza imisebenzi. Nemisebenzi eNgiyenzayo," uJohane oNgcwele :12, sine-. . . "okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." . . .?. . .

99 Yini indaba ngamabandla na? Iyini indaba namhlanje, bangakulahla, bathi kungokukadeveli? Abakanokolotwa okwamanje, abazi ukuthi uyini uMjovo othakwe nohluzi lwezilwane. Yilesosizathu, ukungakholwa, nokungakholwa kuyisono. "Ongakholwayo uselahliwe kakade." Ukungakholwa yikho okukwenzayo.

100 Kwabamba. Bahamba babeka indwangu ebusweni baKhe. Manje, uMuntu owayenamandla okwenza lezizinto. . . Yileyo inkathazo ngomnyakazo wethu wePentecostal. Ngilalele, ngizosho okuthile, hhayi ukulimaza, kodwa ukwelapha. Lapho indoda iza kuwe eneqhinga engaphendula yonke imibuzo yakho, khohlwa ngakho. Wonke umuntu, angakutshela zonke izincazelo zephupho, angaphulukisa konke ukugula, angenza zonke lezizinto, futhi he, uyindoda ethize engenza zonke izinto, lokho kuphambene neZwi, unempendulo kukho konke, kuphambene neZwi. Kubhekisise lokho.

101 Yilolo suku namuhla, ngamadoda athola wonke umdlandla, futhi aqhubeke nemizwa yenyama, futhi abeke izincazelo ezintweni lapho kungeyona incazo. Bengilokhu ngigula kakhulu ngakho, nginqamula isizwe futhi ngizwa lezi zinto, a—angifuni

ukulimaza imizwa kanoma ubani, kodwa kulobubusuku, kulobubusuku ngisho indlela ebuyela emuva, ukuthi ubuyela kanjani eSelaphweni. Kunjalo impela. "Uma umprofethi eprofetha, futhi lokho akushoyo kungafezeki, khona-ke ningamkholwa." Kunjalo. "Kodwa uma kufezeka, mkholwe, ngoba KwakuyiMi engakhuluma," KwakuyiNkosi.

102 Nangu uJesu wayemi lapho, wayeyiSibonelo esihle kanjani! Yeka isibonelo uPawulu ayeyiso! Lapho wayenamandla okushaya indoda ngobumpumputhe, aphulukise abagulayo, ukubiza abakhubazekile ukuba babuyele ekuphulukisweni, zonke lezizinto, bese kuthi-ke, ungacabanga, ingxenye yokugcina yenkonzo yakhe, ngenkathi ema lapho, wadedela umkhandi wethusi ukuba amise umhlangano wakhe futhi amxoshe amkhiphele ngaphandle kwezwe na? Ngicabanga ukuthi abanye babagxeki bathi walahlekelwe amandla akhe okushaya ngobumpumputhe. Qhabo. Qhabo, wayengenalo iqhinga, wayenoMoya oNgcwele, wayenaka uNkulunkulu kuphela. Ngiyacabanga-ke, washiya umngane wakhe egula phezulu lapho, uTrofimu, phezulu endaweni egula, ngicabanga ukuthi walahlekelwa amandla akhe okuphulukisa, ngakho wayethwala udokotela kanye naye, umphulukisi ngokukaNkulunkulu, ethwele udokotela, uLuka. UNkulunkulu wayelungiselela ukuthwesa inkonzo yakhe umqhele, ngoba uPawulu njalo wayefuna ukuhlupheka ngalokho akwenza kuStefanu, kwakuyisifiso sakhe. Anazi yini ukuthi uMoya oNgcwele wakhuluma kanjani kuye, wamtshela ukuthi angenyukeli lapho eJerusalema na? Wayazi ukuthi wayezokhuphuka ayofela uJesu; leso kwakuyisifiso senhliziyo yakhe, ukuMfela.

103 Bukani uJesu, owayekwazi ukuphulukisa abagulayo, futhi avuse abafileyo, futhi enze zonke lezizinto, futhi abikezele, futhi atshele abantu, futhi wayazi imicabango yenhliziyo yabo, ehlezi egcekeni likaPilatu lapho, nendwangu eboshwe emehlweni aKhe *kanje*, nesosha elingumRoma, isigejane salawo adakiwe, namathe awo ebusweni baKhe, nentshebe ihluthuliwe ebusweni baKhe, aMshaya ekhanda ngomhlanga futhi-ke edlulisela umhlanga kwelinye nelinye, futhi lathi, "Awusho," susa indwangu, lathi, "manje sitshele, ungumprofethi, sitshele ukuthi ubani okushayile, sizokukholwa." Akazange awuvule umlomo waKhe. Impela. Wayengenalo iqhinga, kwakunguNkulunkulu.

104 "Donsa izandla zakho zisuke esiphambanweni wehle, futhi sizokholwa, ngokweqiniso, singabapristi, siyizinceku zikaNkulunkulu, uma nje uzokufakazisa futhi wehle esiphambanweni, ngani, sizo—sizokwazi ukuthi wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Wena uyinkosi yethu, yehla esiphambanweni, futhi sizokukholwa." Akazange avule umlomo waKhe futhi asho iZwi.

105 Kungani? Lesosigejane sabazenzisi ezansi lapho ecula

lona impela iculo lowoMoya ofanayo owawukuDavide wamemeza emuva lapho, "Nkulunkulu waMi, uNgishiyeleni na? Babhobozile izandla zaMi nezinyawo zaMi," iHubo lama 22, "bagembula ngengubo yaMi, benza unkatho," nokunye nokunye, ecula leloculo elifanayo ezansi lapho ukuthi uDavide, ngoMoya oNgcwele, wamemeza cishe eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili ngaphambi kwalokho, esho into efanayo, futhi eMuzwa wabubula, futhi engakwazi.

106 Nalezizazi zenkolo namhlanje, ezibizwa kanjalo, namahlelo afunda ngalezizinto zePhentekoste emuva lapho, futhi zibone yona impela into efanayo isebenza, bese-ke ziyibiza "ngabagingqiki abangcwele." Ihlazo elinje pho! Bese-ke sizibiza ngebandla elikhulu lamaKristu, abantu bePentecostal. Ngiyakungabaza. Qaphelani, hhayi njengenhlangano asikwazi ukuba yiPhentekoste, singaba yiPhentekoste njengabantu ngabanye, yiyona ndlela kuphela esingakwazi ngayo, ngoba isehlakalo.

107 Manje, ngenkathi bezama ukuMenza abatshele okuthize, ngenkathi uSathane ezama ukuthi, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, manje, Uyazi ukuthi unamandla, phendula lawa matshe abe yisinkwa, Zisize, Unezinsuku ezingamashumi amane ungadli, khona-ke ngizoKukholwa mina uqobo, ngiphenduke," Wayezokwenza, kade enaka uSathane. Umnokoloto wabanjwa. Wayazi ukuthi ufanele akhulume nini nokuthi angakhulumi nini. Leyo yinkathazo yethu namuhla, sikhuluma kakhulu ngesinye isikhathi. Yazi ukuthi ukhulume nini nokuthi uthini, ungasho lutho uNkulunkulu aze asho njalo. Ungakwenza kanjani na? Uma ungakwenzi, uNkulunkulu akakutsheli mathupha, khona-ke wenza into engalungile, uyahlambalaza, ngenkathi wenza lokho. Yiba neqiniso lokuthi nguNkulunkulu, vumela uNkulunkulu akhulume kuwe ngqo, bese-ke uthi ngu-ISHO KANJE INKOSI.

108 Uma ngihambile ngase ngithi, "UJack Moore ungitshele *ukuthi-nokuthi*," futhi akakwenzanga, bengizobe ngiqamba amanga. O, he! Esikudingayo ngukubuyela emnokolotweni, sibuyele emandleni ePhentekoste, sibuyele kuMoya oNgcwele. Yebo, mnumzane. Siqhubekela phambili sisuke kukho ngaso sonke isikhathi; izivumokholo zethu, namabandla, namahlelo ahlukanisa abantu futhi ebaqhubela phambili basuke ngaso sonke isikhathi.

109 Ukunokolota kwabambelela kuJesu, kwabambelela esiphambanweni, kwabamba lapho ngabe Wehla kulesosiphambano. UBilly Sunday wathi, "Yonke imithi yayihlezi igcwele iziNgelosi, wathi, 'Akudingekile ukuthi usuke esiphambanweni, vele ukhombe ngomunwe, Sizoguqula isimo.'"

110 Kodwa Wathi, "Ngenza njalo lokho okuthokozisa uBaba." Ini? Umnokoloto wabamba. IZwi nentando kaNkulunkulu

kwahlala kuYe, akunandaba noma Wambambathwa emhlane futhi wabiza uRabi osemncane waseGalile, noma ngabe Wayebizwa ngoBelzabule, udeveli, umbhuli, noma ngabe kwakuyini, ukuhlambalaza abakusho ngaYe, ukunokolota kwabamba. Base bebheka ukuthi Wayenjani . . . uma Wayezodazuluka futhi akubuyisele konke esiphambanweni, kodwa kwabamba. Amen. Yonke into yaMshiya: ibandla laKhe, abantu baKhe, futhi ngisho noNkulunkulu waMshiya, yonke into, kodwa umnokoloto wabamba.

> Phakathi kwamadwala aqhekezekayo nezibhakabhaka ezimnyama
> UMsindisi wami wagebisa ikhanda laKhe wafa;
> Iveli elivulekile lembula indlela
> Entokozweni yaseZulwini nosuku olungapheli.

111 Yileyo indlela, emuva ngaleyo ndlela. Wabamba, akunandaba ukuthi kufika ini, noma kwahamba, kwabamba ngokufanayo nje. Umnokoloto wabamba. BaMbheka efa, hhayi njengegwala, njengeNkosana. Akazange athuke, Wakuthatha njengeNkosana. Wayazi ukuthi kwenziwa kanjani, ngoba Wayenokolotiwe nguMoya oNgcwele.

112 Kwase kuthi ekuseni ngePhasika, kwafakazisa ukuthi kwakuyini. Ukunokolota kwabamba, ngokuba Wavuka kwabafileyo. Wathi, "Dilizani leli thempeli, Ngizolivusa ngosuku lwesithathu." Haleluya! Wayenzani na? Ecaphuna emuva iZwi likaNkulunkulu uNkulunkulu alikhuluma ngoDavide futhi, ubaba waKhe emhlabeni. Wathi, "aNgiyikumshiya oNgcwele waMi, abone ukubola, kanjalo aNgiyikushiya umphefumulo waKhe esihogweni." Futhi Wayazi emahoreni angamashumi ayisikhombisa nambili ukonakala kuyangena, ngakho Wathi, "Bhubhisani lelithempeli, Ngizolivusa futhi." Kungani? IZwi likaNkulunkulu lakhuluma ukuthi Uyokwenza. Akashongo yini uMoya oNgcwele ofanayo ukuthi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo"? Sizokubalekela kanjani ezweni na? Kungukuthi . . . Unakho, uma unokolotiwe.

113 Wathi kowesifazane, "Ungasiphuza isitsha eNgisiphuzayo na? Unganokolotwa yini ngomnokoloto eNginawo na? Angikwazi ukukunika isandla sokunene nesokhohlo kumadodana akho, kodwa uma ningaphuza lesisitsha, futhi nenze lokhu, kuyoba kahle." Impela. "Kakusikho okwaMi ukupha lokho, kodwa phuzani isitsha eNgisiphuzayo, ninokolotwe ngoMoya ofanayo eNgibhaphathizwe ngawo, futhi yonke into izoba kahle."

114 Ngenkathi labobafundi bema lapho ngePhasika, isigejane sabesifazane abancane phezulu lapho ethuneni, futhi

babekutholile lokho...UMariya waqala ukuhamba, ekhala, edabukile, futhi wezwa othile ebiza igama lakhe, waqalaza, ubone ukuthi kwakunguYe, Wayengafile, Wayesevukile futhi.

115 Wathi, "Hambani, nitshele abafundi baMi ukuthi Ngizohlangana nabo eGalile. SeNgibuyile, khona kanye eNgakusho, ukunokolota kwabamba. Ngafa njengoba iBhayibheli lathi Ngiyofa, uMphefumulo waMi wehlela esihogweni njengoba iBhayibheli lathi Wenza, futhi Nginezihluthulelo zokufa nesihogo. Ngiyavuka...vukile futhi, futhi Ngiyaphila kuze kube phakade." Ubufakazi, ubufakazi obubonakalayo bakho, umnokoloto wabamba. Amen. O, he!

Lapho labobafundi bekubona lokho, bathi, "Siyawufuna lowo mnokoloto nathi, siyawufuna lowo."

116 Wathi, "Khuphukelani lapho, emzini waseJerusalema, futhi nilinde lapho Ngize ngithumele isiHlungu. Uma ufuna ukuPhila okuPhakade, uma ufuna ukwenza lento eNginayo, lento eNginayo yokuvuka, nifuna Into ezonigcina ngendlela ENgigcine ngayo, nifuna iNto ezoniyeka nife njengoba Ngafa, nifuna Into ethize ezonivusa ethuneni, NgizoYibuyisela kini. Khuphukelani khona lapho nilinde."

117 Manje, Akazange athi, "Hambani niyolanda i...iziqu zenu ze-LL.D." Akakaze ngisho athi, "Hambani nifunde o-ABC benu." Wathi, "Lindani nize ninokolotwe, nembathiswe aMandla avela Phezulu. Emva kwalokhu, uMoya oNgcwele usufikile phezu kwenu, khona-ke nizoba odokotela baMi." Amen. Amen. "Lindani. Hlalani phezulu lapho nilinde." Hhayi, "Iyani eminyakeni emine ekolishi lezenkolo, nakho konke lokhu enye into, futhi nithole zonke leziziqu, futhi nithole konke lokhu lapha loluketshezi lokugqumisa olumpontshelwe kini." Anisona isilwane sokuhlola umuthi, uyindodana. "Linda uze wembathiswe aMandla, kuze kufike umnokoloto wokuPhila okuPhakade kuwe, futhi Ngizokuvusa ngosuku lokugcina, futhi."

118 Mfana, Wayenabanye ababengenele ngaso leso sikhathi. Ngenkathi ngiLizwa okokuqala ngangingomunye nami, ngangingenandaba ukuthi babethini kimi, ngangifuna Lokho. Futhi ngangihlale ngithi, "Uma *Lokhu* kungesikho *Lokho*, ngifuna ukukugcina *Lokhu* kuze kufike *Lokho*." Yebo. Yilokho engangikufuna, lowo mnokoloto.

119 Bakhuphukela lapho balinda izinsuku eziyishumi. O, he! O, lapho khona manjalo nje, ngenkathi uMnokoloto wehla uvela eZulwini, njengomoya ovunguza nganamandla, futhi Wagcwalisa ngamunye wabo, wanokolota ikhulu namashumi amabili. O, kwakuyisikhathi esinjani leso pho! Kwakuyindlela yokubuyela emuva leyo. O, he! Bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, izinkotha

zoMlilo zihlezi phezu kwabo, UNkulunkulu, iNsika yoMlilo enkulu eyalandela abantwana bakwa-Israyeli, uNkulunkulu.

120 Hhayi oNkulunkulu abathathu: uNkulunkulu oyedwa, uNkulunkulu oyedwa. Hhayi oNkulunkulu abathathu, kodwa uNkulunkulu oyedwa ezikhundleni ezintathu, esibizwa ngoYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. UBaba uNkulunkulu eNsikeni yoMlilo, uNkulunkulu iNdodana eNdodaneni yaKhe uQobo, uNkulunkulu uMoya oNgcwele kuwe, uNkulunkulu ofanayo yonke indlela ezehlisa, ehla, enza indlela yaKhe yokungena ezinhliziyweni zabantu. Yebo, mnumzane.

121 Lapho babone ubufakazi obubonakalayo bakho, isithembiso sikaJesu. Lapho babone leNsika yoMlilo iwela phakathi kwabo futhi yaZihlukanisa, neziNkotha zoMlilo, iziNkotha zoMlilo eziyimfologo zahlala phezu kwalowo nalowo wabo, iNsika yoMlilo efanayo efika no-Israyeli ehlane.

122 Lapho uNkulunkulu wayezehlukanisa Yena uqobo phakathi kweBandla laKhe. Njengendoda nomkayo bemunye, unjalo uNkulunkulu neBandla laKhe baMunye, Munye. "Ngalolosuku niyokwazi ukuthi Mina ngikuBaba, uBaba ukiMi, Mina ngikini, nani nikiMi." Yilokho umnokoloto; lokho ngumnokoloto Ayenawo, lokho ngumnokoloto Awemukela. "AkuMina owenza imisebenzi, nguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza imisebenzi." Akumina obona lemibono, nguBaba waMi, Ngingenze lutho. "INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho E*bona* uYise ekwenza, neNdodana iyakwenza kanjalo."

123 Lokho ngumnokoloto ekungakholweni, kukugxilisa okwehange ekukholweni okuzinzile kukaKristu, kugxilisa wena okwehange. Lapho uyazi ukuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, akekho umuntu ongakuxoxa akususe kukho, akekho ongakuchaza akususe kuwe, wawukulezo zihlabathi ezingcwele noNkulunkulu yedwa, futhi uyazi ukuthi wazalwa ngokusha, impilo yakho yonke isiguquliwe futhi uyisidalwa esisha, abekho odeveli abanele esihogweni abangakususa kuwe. Uyisidalwa esisha, okudaliweyo okusha. Unokolotwe ngamandla kaNkulunkulu, isiHlungu sikaMoya oNgcwele kaNkulunkulu sesikufukamele. Amen.

124 Niyazi, UnguMduze weSigodi. Isidambisi zinhlungu sivela kumnduze siyakwazi lokho. O, kukanjani, lapho labo abathembela ethembeni bebamba isidambisi zinhlungu, bacabanga ukuthi leyo yinto ethize. O, bebefanele bathole umnokoloto waLona kanye! IThamu elilodwa ngaso sonke isikhathi. Akusilo ithemba, kodwa Uyiqiniso laseZulwini, libambelelise okwehange emuva emphefumulweni wakho ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ukwenza ulale, ungalali, kodwa ufile ezintweni zezwe futhi uphile kuKristu, onguKristu ofanayo ophila kuze kube phakade. Wenza into ethize kuwe ongazi lutho ngayo ngaphandle kwakho. Nguwe owathola

uMjovo othakwe nohluzi lwezilwane, kwakunguwe owathola umnokoloto, uyazi ukuthi kumayelana nani. Kungani? Ukuzwile, ukwazile, ukubonile okwakwenza kuwe, kwenze okuthize kuwe, ubekwe uphawu. Amen. Uyazi ukuthi ungowaphi.

125 Sasivamise ukuphawula amathole. Kwakukhona owesifazane owaphuma, ngesinye isikhathi, egibele ihhashi, wayesethi, "Awunamahloni ukwenza lokho, lowomfo omncane ompofu, ubeka lolophawu kuye na?"

Ngathi, "Kubuhlungu kancanyana, kodwa uyazi ukuthi ungowaphi." Amen. Kukanjalo-ke.

126 UNkulunkulu ukwenza uzwe ubuhlungu kancanyana, kodwa uyazi ukuthi ungowaphi emva kwalokho. Lapho Ethululela uphawu Lwakhe lokunokolota ngeNsimbi kaMoya oNgcwele phezu kowesilisa noma owesifazane, Uyamguqula asuke kulokho abeyikho abe yilokho ayikho. Uyazi ukuthi ungowaliphi idlelo, akavumeli noma yimuphi umdlwembe umhole. UneKhaya, unedlelo, unendawo lapho engowakhona, noMoya oNgcwele uyilowoMholi, Lowo omhola emanzini athule futhi amuphe ukuPhila okungunaphakade.

127 Lapho bebona laba bantu belahlekelwa yikho konke ukuziqhenya kwabo, baqala ukusina eMoyeni, baqala ukukhuluma ngezilimi, iziNkotha zoMlilo eziyimfologo zindiza ziphuma kubo, futhi nampa bonke bephuma, isigejane sabaseGalile sikhuluma ngazo zonke izilwimi ngaphansi kweZulu, babengazi ukuthi kwakusho ukuthini konke lokhu, labodokotela bobuNkulunkulu bamangala ngempela, babengazi ukuthi kwakwenzekeni, kodwa babenokolotiwe, niyazi, babuza, kusho ukuthini konke lokhu. Lapho imibuzo iphakama: "Ingabe likhona yini iBhalisamu kwaGileyadi na? Ingabe ikhona yini iNyanga lapho na?" babeneNyanga, babeneNyanga eNkulu, babenenyanga yasemhlabeni, niyazi ukuthi lalingubani igama layo na? UDkt. Simoni Petru, wamtholela ibhokisi lensipho elincane, wayesesukuma phezu kwalo, wayesebanikeza isifundo.

Bathi, "Singabangenele kulokho. Yini esimelwe ukuba siyenze ukuze sisindiswe na?"

"Niyakufuna lokhu, bazalwane na?"

"Yebo."

128 "Ngani, Lokhu, ngizonitshela emuva emBhalweni lapho Kuvela khona." Noma yimuphi udokotela omuhle ubuyela efomuleni yakhe. A, o, o! Buyela emuva! "*Lokhu* yi*Lokho* okwakhulunywa ngumprofethi uJoweli, 'Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina,' usho uNkulunkulu, 'Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama.'"

Bathi, "Petru, Dkt. Simoni Petru, yini esingayenza ukuze sisindiswe na?"

129 Wathi, "Ngizokubhalela isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, futhi ngeke kube yileso esizoguqulwa, isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo saPhakade." Wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba lesisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo ngesenu, nesabantwana benu, nabo abakude, labo bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Yilokho isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. O, mfowethu! Vele ukwenze. Kunenqwaba yeBhalisamu kwa—kwaGileyadi, futhi sinenqwaba yezinyanga lapha. Kunjalo.

130 Niyazi uk'thini? Uma udokotela ebhala ifomula, futhi omunye othaka imithi onguwaka eyithola, futhi afake ikhubalo eliningi noma elinganele, uzobulala isiguli sakho. Yilokho obekuyindaba namuhla, isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sibhaliwe, lesosithako somuthi nokusetshenziswa kwawo saPhakade ngosuku lwePhentekoste, abaningi kakhulu abathaka imithi abangowaka, bazibiza ngodokotela, bajovele ezinye izinto kukho, futhi ubulele ibandla, kwaze kwaba yisigejane sabesifazane abaphungule izinwele, abagqoka izikhindi . . . Yileyo indaba, yingakho abesifazane bethu bephungula izinwele zabo, futhi abesilisa bethu bangakha ihlelo, nokunye nokunye, engenaso isibindi esanele sokuma qekelele, abasenzanga isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo ncamashi.

131 Uyafuna ukwazi indlela ebuyela emuva na? Yileyo-ke, yilokho okwashiwo uPetru, uDkt. Petru, lowo onikeza umnokoloto. UKristu wawuzama kuYe futhi wasebenza, uPetru wayenawo, futhi wasebenza, nginawo, futhi wenza kahle impela. Leso yisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, ungazami ukusiphazamisa, ungazami ukwengeza okuthize kuso. Uma ufaka uphoyizeni omningi kakhulu, uzobulala esakho—uzobulala isiguli sakho, ngokuqinisekile njengomhlaba, udokotela wayazi ukuthi silinganiswa kanjani lesosithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Kunjalo.

132 Ngakho, uma nifuna ukwazi ukuthi isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sinikezwa kanjani, Usibhale phansi khona lapha eZenzweni. Senziwa kanjalo-ke. Impela. Hhayi, "hamba uyoxhawulana nomshumayeli, futhi ufafaze amaconsi ambalwa amanzi phezu kwakho," no*kunye-okunye*. Unikeza isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo khona *Lapha*, futhi usenza ncamashi, nemiphumela efanayo izofika, lokho kuqinisile impela, ngoba Akazange akuzame esilwaneni sokuhlola umunthi, Wakuzama kuYe uqobo. Futhi uNkulunkulu waba yinyama futhi wakha phakathi kwethu, nayo yonke indodana kaNkulunkulu ezelwe ngoMoya kaNkulunkulu,

"Ngokwakho, nakubantwana bakho, kulabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyobabiza, lesi sithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sizosebenza." Amen! Angihlanyi, kodwa nginokolotiwe, amen, iNto ethile ihamba phansi *lapha*. Ngiyazi ukuthi kuqinisile, ngikuzamile, ngiyazi ukuthi kuyiqiniso.

133 Imiphumela efanayo ababenayo: "Lezizibonakaliso ziyakubalandela, kholwayo. Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza. UKristu kuwe, ithemba lenkazimulo. Umqondo owawukuKristu mawube kini," uma lowomqondo ofanayo uphakathi lapho namandla afanayo aphakathi lapho, uzokwenza imisebenzi efanayo Ayenza.

134 Uma ukhipha bonke ubuthi kuwo, nabo bonke ubuhlungu, othile, uthi, "Ngesaba ukusho . . ." Wena osasitabane. UNkulunkulu ufuna amadoda. "Angithandi ukusho . . ." O, abanye badinga ukuba nakho, angazi ukuthi ini. Badinga ukunokolota. Yebo, mnumzane. Esikudingayo, umnokoloto. Yebo, mnumzane. "Ngokwakho, nokwabantwana benu, labo abakude."

135 Manje, uma wena, niyabo, uma ufaka ubuthi obuningi kakhulu kuwo, ubulala isiguli sakho. Kunjalo. Awufuni ukuba luhlaza, nokudelela, nokuxhaphaza, nokushayela ngokweqile, niyabo, ngeqiniso olitholile; kulapho nina bazalwane be-Oneness nenze khona iphutha. Manje, sibuyela emgwaqeni, sibuyela emuva eselaphweni. Nani bazalwane be-Assembly enazehlukanisa, yilowo nalowo wenu, yilapho nenze khona iphutha lenu. Lapho iqiniso lenezelwa, qhubeka nje, liyeke, uNkulunkulu uzolinakekela. Akekho ongeza kuYe ngaphandle kokuthi Ambize noma kanjani. Kunjalo.

136 Indlela ebuyela emuva, mfowethu, iyinhlanganyelo nabo bonke abazalwane. Kunjalo. Unokolotiwe enzondweni, unokolotiwe ebubini, khona-ke unokolotiwe enkolelweni-ze yezwe, ubuyele ekunokolotweni kukaMoya oNgcwele emandleni avusa uJesu ethuneni futhi athungela iBandla livuthe umlilo ngoSuku lwePhentekoste, emuva kulokho kunokolotwa.

137 Nasi isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo: "Nanka amanzi; yini ekuvimbayo na?" Nanku uMoya kulo lonke ibandla; kwenzenjani na? UNkulunkulu uzobuza "Kungani?" ngolunye usuku. Impela. Uma ukhipha sonke isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sakho, futhi wesaba ukusho noma yini ebandleni lakho, futhi wesaba ukuthi ihlelo lakho lizokuxosha, wenzani na? Usungase futhi ubaphuzise amanzi, awanawo nhlobo umuthi kuwo. Yingakho benza ngendlela abenza ngayo. Kunjalo. Udinga isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, yileyondlela yokubuyela emuva, yileyondlela okwaqala ngayo, yileyondlela uNkulunkulu aqala ngayo iBandla laKhe. Futhi lapho usuka kulowo mgwaqo, awukho emgwaqeni. Ngenkathi

senza ihlelo, futhi sixhawulana, futhi samukela ukufafaza kube umbhaphathizo, futhi samukela ukuxhawulana ukwenzela uMoya oNgcwele, noma uthatha isinkwa esilucwecwana emlonyeni wakho ukwenzela uMoya oNgcwele, uphumile emgwaqeni.

138 Umfundisi wasemasosheni wake wathi, ngenkathi indoda yadutshulwa ngomshini-gani, wathi, "Kapteni, uyamazi uNkulunkulu na?"

Wathi, "Ngake ngaMazi."

Wathi, "WaMazi nini—mazi nini na?"

Wathi, "Angikhumbuli."

Wathi, "UMshiye kuphi na? Kuzofanele ubuyele lapho uMshiye khona ukuze uMthole."

Wathi, "Angazi."

Wathi, "Amaphaphu akho ayagcwala, mnumzane, kungcono ucabange uthule futhi ngokushesha."

Ngakho, walala lapho kancanyana, futhi wathi ukuthula okukhulu kwafika ebusweni bakhe, wathi, "Ngiyakhumbula. Ngiyakhumbula lapho ngaMshiya khona."

Wathi, "Kwakukuphi na?" Wathi, "Qala khona lapho."

Wathi:

> Manje ngilala phansi ukuze ngilale,
> Ngiyakuncenga Nkosi ukuba ugcine umphefumulo wami;
> Uma ngiyakufa ngingakavuki,
> Ngiyakuncenga Nkosini ukuba uthathe umphefumulo wami.

Wadonsa umoya wakhe okokugcina lapho igazi ligcwele amaphaphu akhe futhi wafa. Wenzani na? Wathola uJesu khona lapho aMshiya khona.

139 Yilapho iBandla lizoMthola khona. Awusoze waMthola ehlelweni; Akekho lapho. Awusoze waMthola ohlotsheni oluthile lohlelo lwemfundo; Akekho lapho. UzoMthola embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, futhi yileyo ndawo kuphela ozoMthola khona. Amen.

140 Iqiniso leli, mfowethu. Emuva, lena indlela yokubuyela emuva. Ningaphazamisi isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, sithathe, sikholwe, gcwaliswa ngoMoya oNgcwele, singesazo zonke izizukulwane. Bheka, "Isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Wonke umuntu, lesi sithako somuthi nokusetshenziswa kwawo ngesakho, hhayi ukuxhawulana noma okuthize, kodwa isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, impela ngendlela uPetru asikhuluma ngayo *Lapha* futhi wasibhala, futhi uNkulunkulu waloba

ngoMoya oNgcwele eZenzweni 2:38, kungukuthi niphenduke nonke, hhayi nje ukuthi, "Awu, phenduka? Manje, awu, ngiyakhuphuka futhi ngijoyine ibandla." Lokho akusho lokho. "Awu, ngizokhuphuka futhi ngibhaphathizwe, futhi lokho kuzokwenza." Qhabo mnumzane, amanzi awakusindisi. Phenduka noma ubhubhe. Hhayi umbhaphathizo ekuphindeni uzalwe, ngiyazi abanye benu bayakukholwa lokho, kodwa ningake nikuthathe kanjani lokho na? Qhabo, mnumzane. Phenduka! Isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sathi ukuphenduka kuza kuqala, bese-ke ubhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zakho. Emva kokuba usuphendukile khona-ke usungomele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Nesithembiso ngesakho, nabantwana bakho, nakubo abakude.

141 O, nina maMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, amaNazarene, iPilgrim Holiness, amaKatolika, amaPentecostal, yini indaba na? Yini indaba na? Lapho uNkulunkulu ehla ukuze akhulume ngamandla aKhe nenkazimulo, khona-ke uzozibuza ukuthi konke kumayelana nani. Yingalesosizathu ninalezizivumokholo nezinto, futhi najovela lezizimfundiso-ze nezinto, kuze kusuke kube le. Bantwana, buyani, yileyondlela yokubuyela emuva, thathani isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Hlukanani nalesisifo sesono, lokhu kungakholwa. Buyelani kuNkulunkulu, nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu. Asikhuleke.

142 Ngiyakukholwa, Nkosi, ngiza nalelibandla kulobubusuku, ngiyakholwa, Nkosi, nabantu abanezinhliziyo eziqotho njengoba ngake ngahlangana nabo. Ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi ngeke bacabange ukuthi sikhuluma lezi zinto ngaphakathi kwethu uqobo, kwangathi bangathola ukuthi kuwumthwalo, ubuhlungu benhliziyo ukuba ngisho lezizinto, kodwa nokho, inyanga yeqiniso izoba qotho ezithakweni zomuthi nokusetshenziswa kwawo zayo. Nkosi, kwangathi kungagcwaliswa kuzo zonke izinhliziyo kulobubusuku.

143 Uma abantu phakathi lapha bemukele kuphela umbhaphathizo kaJohane, njengoba uPawulu abathola, kwangathi bangaqonda ukuthi kukhona omunye umbhaphathizo, ukuthi kukhona umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; uma kuphela into abayaziyo kungukuxhawula umfundisi, noma ukujoyina isivumokholwa, mabagcwaliswe ngoMoya wakho oNgcwele. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi bangeza ngokuzithoba, futhi babe nalenhlanhla, futhi babuyele eMgwaqeni u-Azusa futhi, beze yonke indlela babuyela ePhentekoste futhi, eMbusweni nasenkazimulweni kaNkulunkulu. Ngibanikela kuWe phambi kwe-altare laKho legolide, lapho uMhlatshelo wethu, uJesu Kristu, ulele khona. Samukele, Baba.

144 Wena unguNkulunkulu, UbunguNkulunkulu njalo,

Uyohlala unguNkulunkulu, amaZwi aKho awanakwehluleka. Ngenkathi Umi lapha, usenyameni emhlabeni eNdodaneni yaKho uQobo, iTabernakele Owalakhela ukuba uhlale kulo, ukuthi lokho kubaphuphuthekisa kanjani abantu! Awu, umbazi akazakheli yini indlu ukuba ahlale kuyo na? Akazange yini uNkulunkulu, uMakhi omkhulu, aZakhele iNdlu ukuba ahlale kuyo na?

145 O Nkulunkulu, benze babone ukuthi akusiyo indlu, yilokho okusendlini, uMakhi wendlu. Futhi kwangathi bangaqonda ukuthi loMoya oNgcwele, ngokufa, ukumbelwa, nokuvuka kwaleyondlu uNkulunkulu ayehlala kuyo, ngaleloGazi elingonakalisiwe leNdalo yaKhe uQobo, wahlanza indlela ukuze uNkulunkulu ahlale enhliziyweni yethu izoni, ngomusa.

146 Manje, Wena qhuba umsebenzi waKho ngeBandla laKho, ngokusebenzisa ithuluzi lomuntu, obekulokhu kuyindlela yaKho yokukwenza. Nkulunkulu, kwangathi abesilisa nabesifazane lapha kulobubusuku, phansi ezinhliziyweni zabo, belambile futhi bomile; sisesikhathini sejubili, siyagubha, Nkosi, leliviki lejubili lomusa waKho omkhulu nobungcwele oWawuthululela phezu kweBandla laKho eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, lapha kulesi sifundazwe.

147 Futhi Baba Nkulunkulu, lesi yisikhathi sejubili, nabantu bayazi ukuthi kubuyelwa kanjani emuva, yindlela abaqala ngayo okokuqala. Buyela kuMoya oNgcwele, buyela ekwenqabeni lezizimfundiso-ze ihlelo elizijovele kulo, buya futhi uphulukiswe emandleni kaNkulunkulu. Siphe khona, Baba.

148 Manje, siyazi ukuthi zonke lezi zinto zisebenzelane kwaba ngokuhle njengesithembiso saKho, ngoba Ukunikeza umfanekiso kwa-Israyeli, njengoba sibe nakho izolo ebusuku. Manje makuthi uNkulunkulu ka—kaJesu Kristu, makuthi Lowo owayengu-Emanuweli, makuthi Lowo owama emhlabeni lapha futhi wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza," makwenziwe, Nkosi. Sinikela inkonzo, amazwi, thethelela indlela yawo ephukile yokwenziwa, Nkosi, kodwa ngiyakhuleka ukuthi Uzowazikisa kuzo zonke izinhliziyo, futhi uzoveza ibandla elingcwele eligcwaliswe ngoMoya, libuyele osukwini lwePhentekoste futhi, eGameni likaJesu, ngiKunika khona. Amen.

149 Niyakholwa na? Ngifuna ukunaka kwenu okungahlukanisiwe imizuzwana nje embalwa. Ngifuna ukholwe ngenhliziyo yakho yonke. IBhayibheli lithi, iNkosi uNkulunkulu isithembisile, ukuthi bonke abakholwayo basindiswa. Manje, lokho kuzwakala kukuncane kabi, kodwa uyabo, lapho ukholwa ngempela, yilokho-ke ongakwenza. Khona-ke uNkulunkulu ufanele, lapho uKukholwa ngempela, bese-ke uNkulunkulu ethulula uMoya oNgcwele phezu kwakho, futhi khona-ke

uNkulunkulu eqinisekisa iZwi laKhe. Manje, iBhayibheli lasho . . .

150 Awume kancane, ngiyakholwa, ngaphambi kokuba ngenze lokhu, ngikholwa ukuthi bekuzoba nomugqa womkhuleko. Ingabe kunjalo na? Kulungile. Bangaki abafuna ukubuyela ePhentekoste na? Phakamisani izandla zenu. Bangaki abakholwa ukuthi isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sisalungile na? Amen. Impela sinjalo. Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, hhayi imfundo, hhayi ukwenyuka futhi uthole iPh.D. yakho bese-ke . . .

151 Lapho uNikodima eza eNkosini uJesu—uJesu, futhi wathi, "Kufanele ngenzeni ukuze ngibe nokuPhila okuPhakade na?" indoda, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, ibingumpristi impilo yayo yonke. "Kufanele ngenzeni ukuze ngibe nokuPhila okuPhakade na?"

152 UJesu akazange athi, "Qhubeka upholishe umfundaze wakho." Qhabo. Akazange athi, "Hamba uyofuna isikhundla esiphezulu enhlanganweni yakho." Qhabo. Wamtshela ngokungananazi, Wa—Wa—Wamkhuza ngokuphelele ngokuba ngumuntu osezingeni lakhe, futhi-ke engazazi lezozinto, ukuthi ufanele uzalwe ngokusha. Impela.

153 Yinto efanayo leyo kulobubusuku. Niyabo, sikuthatha kancane kakhulu. Sithatha uhlobo oluthile lomuzwa, sithi, "Ngazalwa ngokusha," futhi uqhubeke, futhi impilo yakho ifakazela ukuthi ayikwenzi lokho na? Kukhona okungalungile. Yebo, mnumzane.

O, wena uthi, "Kodwa ngiyazi ukuthi indoda iyindoda elungile." Akunandaba ukuthi ilunge kangakanani, lokho akuhlangene ngalutho nakho.

154 Awuhlangani nanoma yibaphi abantu abangcono ngokwedlulele kunabakaMohamede, nezinto ezinjalo, abanomoya omuhle nakho konke, impela akunjalo, o qhabo, ngezinye izikhathi abahedeni, abakhonza izithombe, banomoya omuhle futhi bathobekile njengoba bengaba njalo, lokho akusho lutho. Qhabo, mnumzane.

155 "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Yilokho uDokotela akusho, lena yimiphumela yomnokoloto, nakho lapho ukhona. Yebo, mnumzane. Yileyo into. UDokotela wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." Ngabe Wakusho na? Lokho kuwuphawu lwekholwa. Sithatha isibonakaliso ukuba yindoda elungile, iya esontweni futhi ikhokhe okweshumi kwayo. Kuhle lokho, kulungile lokho, kodwa akukhona lokho uJesu akusho: "Lezi zibonakaliso ziyakubalandela; imisebenzi eNgiyenzayo, naye uyakuyenza." Ngoba uma ukuphila okusesihlahleni samapentshisi kungakhishwa esihlahleni samapentshisi, futhi kujovelwe esihlahleni sama-aphula, alisayikuthela ama-

aphula, kepha amapentshisi, ngokuba imbewana yokuphila yamapentshisi isesihlahle sama-apula, futhi sifanele sithele amapentshisi. Kunjalo impela.

156 UMfowethu Williams uhlezi lapha phambi kwami, umngane wami oseduze kakhulu, onomoya omuhle. Ngi. . . Ushayele uMfowethu Sharrit kulokhu ukusa, futhi benginomkhuleko ngaye ocingweni. Bengimi noMfowethu Sharrit ngesinye isikhathi esihlahleni sokusawolintshi, futhi kwakukhona isihlahla simi lapho, i—isihlahla se, ngikholwa ukuthi kwakuyisihlahla samawolintshi, futhi sasina—sasinezinhlobo zezithelo ezingaba zine noma ezinhlanu kuso. Futhi ngathi, "Ngani, hlobo luni lwesihlahla leso, Mfowethu John na?"

Wathi, "Yi—yisihlahla samawolintshi."

"Awu," ngathi, "Ngibona uphaphamuzi, ithanjarini, ithangelo, ulamula, zonke lezi zithelo ezehlukene."

Wathi, "O, yebo."

Ngathi, "Kanjani na?"

Wathi, "Zifakelwe."

"Awu," ngathi, "manje, lokho kuyamangalisa, akunjalo na?"

Wathi, "Ya, noma yini enokuphila okusawolintshi kuzophila ngaso."

Ngathi, "Lokho kuhle kakhulu." Ngama, Kukhona okwangimisa, ngaphinda ngabheka.

157 Njengalolosuku e, ngale eFinland, ngenkathi lowomfanyana wayelele efile; ngathi, "Mfowethu Moore, lowo yilowomfo omncane enginitshele ngaye khona lapha eShreveport, umfana omncane uzovuswa kwabafileyo endaweni *ethile*, nguye lowo—lowo, uzofanele abuye, ukufa ngeke kusambamba, uNkulunkulu ukhulumile." Ngathi, "Kufa, mkhulule." Nangu wayekhona. Amen. UNkulunkulu akanakuqamba amanga. Qhabo, qhabo. Niyabo?

158 Ngathi, "Mfowethu John, kukhona engikubonayo. Uyabo," ngathi, "manje, ngifuna ukukubuza okuthize, Mfowethu John, ngoba ngifuna ukuthola intshumayelo kulokhu." Ngathi, "Manje, ngonyaka ozayo lezo, zonke lezozithelo ezisawolintshi, njengolamula, nethanjerini, nophaphamuzi, zonke lezo zizoqathaka, futhi sizoyothela amawolintshi na?"

159 Wathi, "O, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo," wathi, "lizothela inhlobo yayo." Wathi, "Leso esinegatsha likalamula sizothela ulamula, futhi leso esithela, leso esine—i—ithanjerini sizothela ithanjerini."

"Ngani," ngathi, "Bengicabanga ukuthi uthe isihlahla samawolintshi!"

Wathi, "Yebo."

Ngathi, "Ingabe siyekile ukuthela amawolintshi na?"

Wathi, "Qhabo, lapho isihlahla sokuqala siveza umvini wokuqala, sithela iwolintshi."

160 Yilokho-ke. Yilokho-ke. Lamahlelo axhunyelelwe kuso, asathela izithelo zehlelo: ubulungu, okunye nokunye. Kodwa lapho iSihlahla siveza igatsha lasekuqaleni futhi, kuzobakhona iNcwadi yeZenzo ebhalwe emva kwaso.

161 "NginguMvini, nina ningamagatsha." Kungani? UkuPhila o—okujovelwe eMvinini wokuqala kuveza igatsha, yigatsha lePentecostal elinemiphumela yePentecostal, ngokuba ukuPhila kukaKristu kusegatsheni, futhi lenza imisebenzi yaKhe. Mm!

162 A—Anginaso isiphiwo sokukhuluma ngezilimi, kodwa impela ngizwa sengathi ngingathanda ukuba naso. O, uMoya ufakaza kanjani emphefumulweni wami! Ufakazelana neZwi ukuthi lezizinto ziyiqiniso.

163 Niyakholwa na? Bangaki kini phakathi lapha onamakhadi omkhuleko, phakamisa isandla sakho. Manje, beka izandla zakho phansi. Bangaki phakathi lapha abangenawo amakhadi omkhuleko, futhi nokho niyagula, nifuna okuthize okuvela kuNkulunkulu, phakamisani izandla zenu. Kulungile, kholwa.

164 Baba wethu waseZulwini, ngiyazi ukuthi ngimi phambi kwezethameli esi, ezimbalwa zazo impela zintsha, ngizwa uMoya waKho uzinza manje. Ngikhulumile iZwi laKho futhi ngafunda isithako saKho somuthi nokusetshenziswa kwawo; ngibatshelile abantu ukuthi indlela yokubuyela emuva.

165 Manje, uNikodemu waqonda, kanjalo neSanhedrin, ngenkathi beKubona usenyameni, bathi, "Rabi, siyazi ukuthi Ungumuntu othunywe evela kuNkulunkulu, ngoba akekho ongenza lezizinto Ozenzayo uma uNkulunkulu engenaye." Naleloqembu elifanayo, lazi ukuthi ngemisebenzi Athi Wayenza, futhi wathembisa ukuthi amakholwa aKhe azokwenza umsebenzi ofanayo, baMbiza ngoBelzabule, futhi bathi iMfundiso yaKhe idukisa abantu.

166 Isikhathi asikaguquki, Baba. Sikwesinye isivuno, kodwa Wahlala khona ngqo, ukungakholwa akuKuvimbanga, Waqhubekela phambili ngokufanayo nje, wenza lokho uBaba aKutshele ukuba ukwenze, ngenkathi Wenza inkulumo mbiko yaKho ecacile, wathi, "Angenzi lutho, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo kuphela lokho ebona uBaba ekwenza."

167 Ubungamtshela uFiliphu ukuthi wayekuphi ngaphansi kwesihlahla ngenkathi uNathanayeli emthola; Wawungamtshela uSimoni ukuthi wayeyindodana kaJona, wabiza igama lakhe negama likayise; Watshela owesifazane emthonjeni; Wena . . . ukukholwa kwempumputhe eyodwa kwaKumisa; owesifazane omncane onomopho wathinta umphetho wengubo yaKho, akunakwenzeka ngokuphelele kuwe ukuthi Ukuzwe ngokomzimba, kodwa Wama futhi wamtshela izinkathazo zakhe, futhi wathi zase zinqamukile.

168 Makuthi lokho kuPhila okwakukuKristu kungene kuleliqembu imizuzwana embalwa nje, Nkosi, ukuze bazi ukuthi Wena usenguNkulunkulu. Ngiqeda nje ukubatshela, Nkosi, iZwi laKho. Amadoda eza ngapha futhi esho *lokhu*, *lokho*, nawo wonke amaqhinga amancane; kodwa Nkosi, kufakaza ngani na? Kukhona Owangempela ndawo ndawo. Nkosi Nkulunkulu, maKuphume kulobubusuku, makuthi uMoya oNgcwele ukhulume futhi hhayi umuntu.

169 Nika ukukholwa kulelibandla, Nkosi. Ngiyaqonda ukuthi Ubungeke nje ugcobe oyedwa wethu, Ufanele ugcobe abaningi bethu. Sigcobe kanyekanye, Nkosi njengeBandla laKho, makwazeke ukuthi Wena unguNkulunkulu, futhi ngikhulume iqiniso. Ngimi eZwini laKho, ngisho nangokuphikisa, kodwa ngizamile ukuba neqiniso; ngingasho lokho ngokwami, Nkosi, futhi hhayi ngalaba bantu abangizwayo, kodwa ngiyakhuleka ngoba elamanqamu selisondele. Ngikhulekela ukuthi Uzoqinisekisa iZwi laKho kulobubusuku, Nkosi, ukuthi LiyiQiniso, ukuthi ukuPhila okwakukuKristu kuhlala eBandleni laKhe namakholwa aKhe. Siphe khona, Baba, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

170 Ngifuna wonke umuntu ahloniphe ngendlela ongenza ngayo. Bangaki phakathi lapha abayizihambi kimi na? Phakamisani izandla zenu. Ngingakuzwa nje; awukaze ube semihlanganweni ngaphambilini.

171 Manje, uJesu Kristu wathi eZwini laKhe kuJohane oNgcwele, 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." Uyakukholwa lokho na? IBhayibheli lathi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Uyakukholwa lokho na? AmaHebheru 13:8. Kulungile. Kulungile.

172 Manje, indlela kuphela yokwazi ukuthi ngabe nguKristu noma qha, akusiyo ingubo, ngoba Wayegqoke njengabantu abajwayelekile, ukuba Ubelapha kulobubusuku Ubezogqoka isudi yezingubo njengoba sigqokile, kwakungesiyo ingubo yaKhe, kwakungesikho ngoba Wayenentshebe, noma wayengenantshebe, kwakungukuPhila okwakukuYe okwafakazisa lokho Ayeyikho. Abantu abaningi babegqoka njengaYe ngalolosuku, kodwa babengesuYe. Kunjalo. Abantu abaningi namuhla benza into efanayo, kodwa akukuguquli nakancane, ngukuphila. Manje, indlela abazi ngayo ukuthi WayenguKristu yingoba babefanele bahambe ngalokho umBhalo owathi uKristu wayeyoba yikho. Ingabe kunjalo na?

173 Manje, uMose wabatshela ukuthi uKristu wayeyoba yini na? Wayeyoba umprofethi onjengaye. Ingabe kunjalo na? Futhi bonke bakulindela, ngoba uNkulunkulu wayebatshelile, "Uma kukhona phakathi kwenu ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi, ngizokhuluma kuye, futhi uma kunjalo, kuyoba yiqiniso,

uma kungenjalo, khona-ke ningamuzwa." Lokho kunengqondo kuphela.

174 Futhi manje ngenkathi uJesu evuka, futhi ngenkathi Eqala enkonzweni yaKhe noSimoni ekhuphuka, uPetru, Wamtshela ukuthi igama lakhe kwakunguSimoni, futhi wamtshela ukuthi igama lakhe kwakunguSimoni negama likayise kwakunguJona. Ingabe kuyiqiniso lokho na? Lokho kwenza ikholwa ngaye.

175 UFiliphu waya wafumana, noma uNathanayeli waya wafumana uFiliphu ngaphansi komuthi, futhi wathi: "Wozani, nibone ukuthi sithole Bani." Futhi lapho emtshela okwakwenzekile, akazange, wathi ukuphazanyiswa ngakho. Futhi lapho efika laphaya, uJesu wambuka ngqo, wayesethi: "Bheka, umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye." Manje, waye—wayengumfundisi, wayeyindoda eyayazi. Wathi, "Rabi, Uke wangazi nini?"

Wathi, "Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi ungaphansi kwesihlahla, Ngakubona."

Wathi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli." Kwakuxazulula lokho. Niyabo?

176 Owesifazane emthonjeni, ngenkathi Ekhuluma naye, abaningi kuwo wonke umBhalo, bazi ukuthi ngenkathi Efika Wayezoba nguNkulunkulu-Mprofethi, leso kwakuyisibonakaliso saKhe, bekuhlala kunjalo, futhi kusenjalo. Khona-ke niyaqaphela, ukuthi lapho sithola, lona wesifazane uyaphuma, Wathi, "Sifazane, Ngiphuzise," wayefuna ukuqhuba ingxoxo naye.

Wathi, "Akusilo isiko ukuba amaJuda acele kimi, mina owesifazane waseSamariya, izinto ezinjalo, asinakudlelana omunye nomunye."

Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi ukhuluma noBani, ubuyocela kiMi amanzi."

Wathi, "Umthombo ujulile, Awunalutho lokukha," nokunye nokunye.

Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Kunjalo. Ubunamahlanu, nale ohlala nayo akuyona indoda yakho, ukhulume iqiniso."

Wathi, "Mnumzane . . . "

Manje, ngenkathi abaFarisi beMbona enza lokho, bathi, "Ungumbhuli, uBelzebule." Niyabo?

177 Kodwa leso sifebe, sathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumProfethi Wena. Siyazi ukuthi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezizinto, lokho kuzoba yisibonakaliso sikaMesiya. Siyazi lapho Efika, Uzositshela lezizinto."

Wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

178 Futhi khona lapho wagijima wangena emzini, futhi wathi, "Wozani, nibone uMuntu, Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini lo yena kanye uMesiya na?" Amadoda omuzi amkholwa owesifazane, akholwa nguKristu. Ingabe kunjalo na?

Akumangalisi Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, ningaNgikholwa."

179 Manje, asidingekile ukuba sihlakaniphe, asidingekile ukuba sifunde, sifanele sikholwe. Sifanele sizithobe futhi sizithulule ukuze uNkulunkulu aZibonakalise ngathi. Zithulule, zisuse endleleni; isitha esikhulu kunazo zonke onaso nguwe uqobo. Manje, kholwani nguNkulunkulu. Niyakholwa na?

180 Manje, uma uNkulunkulu, uBaba wethu, onguMoya oNgcwele, uYise weNkosi yethu uJesu Kristu nguMoya oNgcwele, siyazi ukuthi, "Lokho akukhulelweyo kungokukaMoya oNgcwele," futhi uma lowoMoya oNgcwele ungangena kuwe nami, futhi wenze khona kanye ukuPhila uKristu akuphila, iphi indawo yakho yokungabaza na? Khona-ke nginitshelile iqiniso ngokubuya, ubuyela emuva. Uyakukholwa lokho na? Uma Ezokwenza, angisho ukuthi Uzokwenza. Manje, khumbulani, abantu bakholwa ukuthi lezizinsuku selwedlule, kodwa Wakwethembisa ngezinsuku zokugcina.

181 Ngamunye wethu unezikhundla, sifanele sithembeke kulesi sikhundla. NguNkulunkulu, KuyiZwi; uLizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu. NeZwi kulobubusuku lisenyameni yethu ukuba liZibonakalise ukufakazisa ukuthi Yena unguNkulunkulu kithi, Lithela izithelo zaKhe. Impela.

182 Uma nginitshele ukuthi umoya kaDillinger wawukimi, nilindele ukuthi ngibe nezibhamu; uma nginitshelile umoya we—wengcweti ubukimi, ubilindela mina ukuthi ngipende isithombe; uma ngikutshela ukuthi uMoya kaKristu ukimi, khona-ke yenza umsebenzi kaKristu. Yilokho Akusho. Ingabe bekungakusiza ukuba ukholwe na?

183 Ake nginitshele okuthile okuncane: Ngikhuluma eKiwanis ngaphambi kwabanye odokotela emhlanganweni ngolunye usuku. Ngangihlolwe umzimba udokotela odumile, ngiya phesheya kwezilwandle, nginokuhlolwa komzimba, ngakwenza ngenhloso lokhu. Futhi wayengivumela . . . Wanginika i-GI ephezulu nephansi, futhi ngemva kokuba esethathe inhliziyo, igazi, nakho konke. Ngibonga uNkulunkulu, kwakushesha.

184 Ngakho—ngakho lapho sengi—ngiphuze lokhu kuhlolwa kwe-x-reyi, ngavele ngazenza ngaqina ngempela, futhi wacindezela esiswini sami, yena, ebuka nge-x-reyi, wathi, "Mfowethu Branham?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

Wathi, "Isisu sakho sizwakala singendlela ejwayelekile, kodwa si . . . akuphumi lutho."

Ngathi, "Akuphumi na?" Futhi ngathi, "Kufanele na?"

Wathi, "Yebo, mnumzane." Wathi, "He, angiqondi."

Ngathi, "Ngizakwenzenjani na?"

Wathi, "Cabanga ngento ongayidla emnandi ngempela."

Ngathi, "Ufuna ngikwenzeleni lokho na?" Ngangazi ukuthi wayezothini.

Wathi, "Isiteki esimnandi esikhulu, esimanzi."

Ngathi, "Ngizoyekethisa ngepuleti lengwejeje ethosiwe nobhontshisi wepinto."

Futhi wathi, "Kulungile, qala." Ngashintsha, ngase ngiqala ukucabanga.

Wathi, "Nanguya ehamba."

Ngathi, "Yini eyenze lokho, Dok na?"

Wathi, "Intambo kagesi encane ebuchosheni bakho ithumele izwi esiswini sakho."

Ngathi, "Ingabe kunjalo na?"

Khona-ke ngikhuluma, ngathi, "Uyayikhumbula intambo encane na?" Ngathi, "Dokotela, yini ekwenza uphuphe na? Ingabe uphuph- . . . Uyuphupha na?"

Wathi, "Yebo."

Ngathi, "Iyiphi, ingxenye yakho ephuphayo na?"

Wathi, "Unembeza wakho omncane."

Ngathi, "Umuntu ojwayelekile, *nanku* unembeza owodwa, futhi *nanku* unembeza omncane, uzomele ulale ukuze ungene ku*lowo* nembeza."

185 Wayesanda kungitshela, wathi, "Ngithole okuthize, Mfowethu Branham, futhi, angikwazi ukukuchaza." Wathi, "Akuyona imizwa yakho," wathi, "kuyinto ethize engaphakathi komuzwa yakho."

Ngathi, "Umphefumulo wami na?"

Wathi, "Yebo." Wathi, "Ngi . . . Yilokho okukwenza ube yilokho oyikho."

186 Ngase ngithi . . . Ngambuza ngemibono, wayengazi lutho ngakho, ngakho ngamtshela, ngathi, "Omunye unembeza *ulapha*, omunye *ulapha*. Umele uphume *kulo*nembeza, uyekele uthule, ukuze ungene *lapha*. Kodwa enye ingxenye yakho iye ndawana thize, ngoba ungakhumbula amaphupho nezindawo owawukuzo emaphusheni akho, iminyaka neminyaka kude."

Wathi, "Kunjalo."

187 Ngathi, "Uyabo, lokho kujwayelekile, kodwa uNkulunkulu ukubeke kanjalo, kwabanye bethu, ukuthi unembeza wethu wokuqala nonembeza omncane kuhlangene kanye ngqo; asilali, uNkulunkulu usisebenzisa nje ukubona izinto ezazikhona, nezikhona, neziyakuza, lokho okungokwesiprofetho."

188 Futhi wathi, "Mnu. Branham, ngizifundile izincwadi zakho ngokuphulukisa," wathi, "Ngivumelana nawe impela," wathi, "Ngizokutshela," wathi, "sinodaba okuphelele lapha, ngingakufakazisa, isayensi." Uma kukhona udokotela oseduze, angakutshela lokho. Wathi, "Umuntu makabe nesimila, noma isifo sofuba, noma isilonda esisemathunjini, noma into ethile embi ngempela, siyazi ukuthi kuzombulala, futhi sizomtshela lokho futhi," wathi, "uma edabukile wonke, ekhungathekile, ethukuthele, ephatheke kabi, futhi eqhubeka," wathi, "leso siguli sizofa ngaso leso sikhathi. Kodwa asithi lesosiguli, ngokujwayelekile uma singumKristu, noma okuthize, asinandaba nokufa, kungenye yezinto esifanele sizenze, ukufa kuyingxenye yokuphila, ngakho uvele aqhubeke futhi aqhubeke, 'Ngizophila kuze kuphele isikhathi sami,'" wathi, "ukuthi cishe impela, leso simo sengqondo, sihoxisa lolo daba." Wathi, "Uyolokhu eqhubeka, futhi aqhubeke, futhi aqhubeke, futhi aqhubeke, ngaphambi kokuba kumbulale."

189 Ngathi, "Kulungile, dokotela, ake ngiqedele indaba yami." Ngathi, "Beka umshina wakuhlola amanga engalweni yakho, futhi ume, futhi uzame ngokusemandleni akho ukwenza amanga azwakale njengeqiniso, futhi ubuke leyo nalithi iba negethivu. Kungani? Ukungqangqazela emizweni yakho, awenziwanga ukuba uqambe amanga, wenziwa ukuba ukhulume iqiniso. Amanga ayinto embi kabi, aze aphazamise imizwa yakho. Awenziwanga ukuba uthukuthele, ufanele ube nokuthula, njengomntwana, noNkulunkulu. Niyabo? Awufanele ukhungatheke, ufanele ube nokukholwa, uhambe noNkulunkulu. Niyabo?" Futhi ngathi, "Yilokho-ke."

190 Ngathi, "Manje, Dokotela, uma i. . . le ndoda ephila kulonembeza wokuqala ingathatha isimo sengqondo ukuthi 'Uma efa usindisiwe, pho kwenza mehluko muni na?' kuzohoxisa icala isikhathi eside, kuyokwenzenjani lapho liqathaka kulowo nembeza wokuqala, libuyele kowesibili, embhaphathizweni kaMoya oNgcwele na? Lizosusa icala ngokuphelele."

Wasukuma lowodokotela, wathi, "Kuyamangalisa," izinyembezi zehla esihlathini sakhe.

Ngathi, "Dokotela, uyazi ukuthi yini indaba na?" Ngathi, "Amabandla ethu awakufundisi lokho."

Wathi, "Mnu. Branham lelo yiqiniso."

Ngathi, "Sidinga ukubuyela ePhentekoste."

Wathi, "NgiyiPresbyterian," wathi, "umkami uyiPresbyterian."

Ngathi, "Ujoyine idlangala lePresbyterian."

Wathi, "Lokho kuthi akube kanjalo."

Ngathi, "Dokotela, umKristu uzelwe ngokusha, ungeke uhambe ujoyine, ufanele uzalwe."

Wathi, "Mnu. Branham, lelo yiqiniso," nezinyembezi ziqala ukwehla ezihlathini zakhe. Ngizombhaphathiza maduze impela manje. E-hhe. E-hhe!

191 Ini? Uma ukukhungatheka kwakho kuzokubamba lokho phezulu lapho, nonembeza wakho owodwa uzokuqathaza, futhi wenze umzimba wakho usebenze kahle, uyokwenzani lapho uvumela uMoya oNgcwele ungene na? Uzokwenza konke uKristu akuthembisa, uba yithuluzi likaMoya oNgcwele.

192 Ngenkathi ngizalwa, kwakukhona ukuKhanya kulenga lapho. Ninesithombe lapha ndawo ndawo. Lokho kuyiqiniso. Uma mina, ngifela phezu kwalomsamo, isayense ikufakazele ukuthi kuyiqiniso. Manje, kimi, ngiyindoda, angilutho, ngingumfowenu nje, akukho lutho kimi, kodwa uMoya oNgcwele, ekumiseleni ngaphambili, iziphiwo ezimiswe ngaphambili, uNkulunkulu umisile eBandleni, hhayi lokho ilunga lebandla elithile elibeke izandla zalo phezu kwakho, uNkulunkulu umisile eBandleni kuqala abaphostoli, bese kuba abaprofethi, nokunye nokunye, uNkulunkulu ubabekile phakathi lapho, bayiziphiwo zobuNkulunkulu, ezamiselwa ngaphambili nguNkulunkulu. Ngaphambi kokuba uJeremiya, umprofethi, aze azalwe, uNkulunkulu wathi, "Ngakwazi ungakabibikho ngisho esiswini sikanyoko, futhi ngakugcoba u—umprofethi ezizweni, ungakaphumi esizalweni." Ingabe kunjalo na? Wayengahlanganise lutho nakho, uNkulunkulu uyakwenza lokho. UsenguNkulunkulu.

193 Manje, kholwani ngenhliziyo yenu yonke. Nawe ogulayo noma onesidingo sikaNkulunkulu, vele uthi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiwuzwile lo mlayezo, uyangimangaza, ngiyizwile le ndoda ithi Wena unguNkulunkulu, futhi Ukhona lapha phakathi kwabantu." Uma Engekho, Ukhulume into ethile engalungile, "Nomaphi lapho ababili noma abathathu bebuthene eGameni laMi, ngikhona lapho phakathi kwabo." Ngani? Ukini noma kanjani, futhi lapho Ezehlukanisa phakathi kwenu, kubuyela ebunyeni futhi. Manje, ufanele ube yingxenye ya*lobo* bunye ukuze ukholwe ukuthi *le* ngxenye yobunye ingasebenza.

194 Uma Enginika inkonzo, Unomuntu othize ozokukholwa, noma besingeke sibe khona isidingo sokunginika inkonzo. Kunjalo. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke futhi ubone ukuthi uNkulunkulu akayenzi yini into.

195 Manje, anginifuni nina bantu eninamakhadi omkhuleko, ngifuna nina bantu abangenawo amakhadi omkhuleko,

ngoba ngizobiza amakhadi omkhuleko. Ngifuna nifake lokho engqondweni yenu. Manje, hloniphani ngempela.

196 UKristu, manje, uKristu ubengaphulukisa, ngoba Waphulukisa ngombono ngenkathi uBaba eMtshela. Kunjalo. Akazange aphulukise muntu, noma enze nesisodwa isibonakaliso, Waze wabona umbono kuqala. Bangaki abakwaziyo lokho na? UJohane oNgcwele 5:19, Wakusho qobo lwaKhe, UnguNkulunkulu futhi akanakuqamba amanga.

197 Kodwa niyabo, ukuphulukiswa sekuvele kuthengiwe manje, uMhlatshelo uyenziwa. UsengaZimemezela ngesiprofetho futhi akhombise izibonakaliso zaKhe, kodwa ukuphulukisa, ufanele uMkholwe. Uma Ubemi lapha kulobubusuku, futhi wena uthi, "Nkosi, Uzongiphilisa na?" Uthi, "SeNgivele ngikwenzile; awukukholwa na?" Ngokuba, "*Ya*linyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo siphili*siwe* thina." Niyakuqonda lokho na? Manje, kukholwe futhi ubone ukuthi Usaphila yini.

198 Yeka inselelo! Ngaphonsela inselelo lokho ngaphambi kwengxenye yesigidi sabantu ababemelene nami, eBombay, eNdiya. Ngakuphonsela inselelo ngaphambi kwezinkulungwane ezingamakhulu amabili namashumi amahlanu eThekwini, eNingizimu Afrika, ngibhekisisa uNkulunkulu engena enkundleni, abantu bomdabu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu abambatha izingubo zokulala baphonsa phansi izithixo zabo futhi baba ngamaKristu ngalowomzuzu, nabesifazane, benqunu impela, kwathi nje uKristu engafika phezu kwabo basonga izandla zabo base behamba. Bese kuthi-ke, abesifazane namhlanje ebandleni lePentecostal basika izimpahla zabo zokugqoka, futhi beziphatha . . . bese kuthi-ke usasho ukuthi unoMoya oNgcwele. Kukhona okuthile . . . Ngi—ngi . . . Ngiyanithanda, niyakwazi lokho, kodwa ngi—ngi—ngiyashiseleka. Lapho ngibona udadewethu, indodakazi kaNkulunkulu, phandle lapho, ngibone umfowethu eyigwala kangaka ukuthi kumele ame emva kohlobo oluthile lwe . . . behluleka ukushumayela iZwi likaNkulunkulu, ukuthi uyalazi iqiniso, ngibone udadewethu eziphatha njengowesifazane wasesitaladini esikhundleni songcwele kaNkulunkulu, ngibone indoda ethile yesaba ukusukuma futhi imemezele iqiniso, yesaba ukuthi ihlelo layo lizoyikhahlela liyixoshe, indodana kaNkulunkulu, angi . . . lelo gazi alihambi kahle. UbuKristu bangempela boqobo bukholwa yiZwi, futhi buyaLibamba, bubambe leso sithembiso.

199 Manje, niyizihambi. Mina, ngiqalaza, ngiyamazi uMfowethu Williams ohlezi lapha. Ngibona uDadewethu Moore, ngicabanga ukuthi lowo nguDadewethu Boutliere ohlezi eduze kwakhe, angizange ngumbone izolo ebusuku. Ngizama ukubona ukuthi kukhona yini engimbonayo noma ubani engimaziyo. Lo mfowethu lapha, a—angilikhumbuli igama

lakhe. Yena...[Omunye uthi, "UMfowethu Harris."—Umhl.] (Ini?) ["UMfowethu Harris."] UMfowethu Harris, ngiyamazi. UMfowethu noDadewethu Dauch, behlezi khona lapha, abavela eToledo, enhla e-Ohio. Lokho kukangako, kungukuthi, ngikholwa ukuthi ngibona uMfowethu Collins. Ngabe kunjalo, Mfowethu Collins na? Umfana omuhle omdala weMethodisti, wemukela uMoya oNgcwele, ungomunye wabadikoni bami ebandleni manje. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Collins, Dadewethu Collins.

200 UMoya oNgcwele uyangena manje. Usuyaphuphuthekisa, ngifisa sengathi ngingakuchaza lokhu. Ungeke wamchaza uNkulunkulu, ufanele umkholwe uNkulunkulu, yiba nokukholwa nje, ungangabazi, kholwa eNkosini uJesu Kristu. IBhayibheli lithi ufanele usindiswe uma uLikholwa.

201 Wena uthi, "Nkosi, nginjengowesifazane owathinta izingubo zeNkosi, angizami ukuthinta lowomshumayeli, ungumuntu, kodwa iBhayibheli lathi Wena ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Ngabe Wakusho na? Lelo iTestamente eLisha. Awu, khona-ke uma uthinta umPristi oMkhulu, ubuzokwazi kanjani ukuthi ubuMthintile ngaphandle uma Enze ngendlela efanayo Enze ngayo izolo na? Futhi uma Esenguye, Uyokwenza ngokufanayo. Ingabe kunjalo na? Kunjalo na? Yena ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Futhi kwenzekani ngenkathi lowo wesifazane eMthinta futhi wahamba wahlala phansi njengoba unjalo, kumbe noma yini ayenza na? UJesu waphenduka wayesethi, "Kukhona oNgithintile."

UPetru wathi, "Ngani, lonke iqembu liKuthintile. Kungani usho into enjalo?"

202 Wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi amandla, Ngi... aphumile kiMi, Ngibe buthakathaka." Waqalaza waze Wamthola owesifazane, wamtshela ngomopho wakhe, wayesethi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

203 UnguNkulunkulu ofanayo kulobubusuku, UngumPristi oMkhulu ofanayo, manje niyakholwa. Uyakholwa, wena ongangazi, wena ongenamakhadi omkhuleko, cela uNkulunkulu, futhi uzithobe ngakho. Manje, khumbula, kuzothatha ukukholwa kwakho ukuMthinta, ngeke ngiMthintele wena, ufanele uMthinte ngokwakho, wukukholwa kwakho, kodwa kholwa. Bangaki abakholwayo na? Ithi, "Ngiyakholwa." "...ungakholwa..." Ake siqale, uhlu nguhlu, Usanda kufika.

204 Manje, ngifisa sengathi ubungaba ngokoqobo... Ungasukumi uhambahambe manje, hlala uthule ngempela. Kwangathi iNkosi uNkulunkulu ingapha iBandla laYo ukuqinisekiswa. Nkulunkulu, ngikhulume iqiniso, ngokwazi kwami ukuthi kunjalo. Kwangathi uBaba waseZulwini esizoma

phambi kwakhe, makwenzeke lokhu ukusiza abantu baKho, Nkosi, ukusiza abantu baKho. Ukushumayela kanzima, ufanele ukwenze...kuwushintsho, kungolunye ugcobo; NguMoya ofanayo, kodwa esinye isikhundla nje.

205 Inenekazi elihlezi lapho, khona lapha ekugcineni kohlu, khona lapha lingibuka, into encane emhlophe kuwe, uyakholwa na? Uyakholwa na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Unesidingo saKhe, awunaso na? Okomphimbo wakho. Mbuze ukuthi yiqiniso yini lelo. Nkk. Sparks, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Lowomntwana ohlezi lapho, ufuna akhulekelwe naye. Yebo, mnumzane. Yena unesifo sokushodelwa igazi, unesimo sokuguliswa yimizwa; lokho kuyiqiniso, akunjalo na? Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami. Beka isandla sakho phezu komntwana.

EGameni likaJesu Kristu, uma lona wesifazane ubenokukholwa okwenele ukwenza lokho, makwaziwe, Nkosi, kwangathi kungahamba eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ungangabazi. Manje, Ulapha. Niyabo? BesiMdumisa waze Wafika, manje Uselapha.

206 Nangu owesifazane omncane ehlezi emuva lapho, emuva emva kwalowo wesifazane. Uphakamise izandla zakhe, uphethe iduku esandleni sakhe, uyakhuleka, uhlezi ekugcineni. Owesifazane uhlushwa yinkathazo yesisu, seyiphelile, dade. Ingabe unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo na? Awulidingi. Awunalo, hamba uye ekhaya udle isidlo sakho sakusihlwa, konke sekuphelile.

207 "Uma ungakholwa..." Uyakholwa na? Buza lababantu, uNkulunkulu waseZulwini uyazi angikaze ngibabone empilweni yami, ngokwazi kwami. Uma kungeyena uKristu osenguye...

208 Lapha, nakhu kuhlezi owesifazane omncane ohlezi khona lapha, ugqoke ijazi elibomvu. Ingabe unalo ikhadi lomkhuleko, nenekazi na? Awunalo na? Awulidingi. Awuguli, kodwa unombuzo engqondweni yakho ofuna ukukhuluma nami ngawo, futhi lowo mbuzo uyinkinga yokomoya: Uyafuna ukwazi ukuthi uyafuna yini ukuyeka umsebenzi wakho futhi ungene emsebenzini wesikhathi esigcwele weNkosi. Awusiye owalapha, uvela eTexas, eHouston. Hlala, Uzokubiza lapho Esekulungele. Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Nginiphonsela inselelo ukuthi nikukholwe.

209 Ini? Emuva le. Nakhu, nakhu ukuxhumana okuhle kwendoda enoMoya, indoda ehlezi khona emuva lapha, iyembe elimhlophe, ethi ukuba nempandla, ivela e-Arkansas. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Inkathazo yakho yesisu ikushiyile, ungabuyela ekhaya e-Arkansas uthokoza. Angikaze ngiyibone empilweni yami.

210 Nansi indoda ihlezi lapha enesifuba somoya, ihernia, ivela eTexas, uMnu. Cobb, kunjalo, ngiyisihambi kuwe. Uyakholwa na? Buyela eTexas futhi uphile, eGameni likaJesu Kristu. UnguNkulunkulu. Uyakholwa na?

211 Lapha, nakhu kuhlezi intombazane encane, eyisidudla ehlezi lapha. Unalo ikhadi lomkhuleko, s'thandwa na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Njengenceku kaNkulunkulu, uyakukholwa engikushilo esikhashaneni esedlule kulowo myalezo kuyiqiniso na? Inkathazo yakho yezinso izokushiya, yiya ekhaya, uphiliswe eGameni likaJesu Kristu.

Uyakukholwa.

212 Owesifazane ohlezi khona lapha, ekupheleni kohlu, enokugula okuthelelanayo kwendlebe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Yiya ekhaya, ukukholwe, uphile.

213 Kukhona owesifazane ohlezi lapho onenkathazo yenhliziyo, ogqoke isigqoko esibukhwebezane, uNkk. Lambert ngegama. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Inkathazo yakho yenhliziyo izohamba, ungaya ekhaya uphile.

214 Uyakholwa? Uyakholwa? Nginiphonsela inselelo yokuthi nikholwe. Phakamisani izandla zenu.

215 Nkosi Jesu, Ndodana kaNkulunkulu, mazingedlule lezizinto, Nkosi, lezizinto Awuzenzi ngeze. Wena unguNkulunkulu, unguNkulunkulu oPhakade, Uphila kuze kube phakade. Makwazeke kulobubusuku ukuthi UnguMqambi walokhu, isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo siqinisile. Uphakathi kwethu, futhi UnguNkulunkulu. Abantu mabakholwe kuWe manje, futhi mabaphulukiswe, iselapho esiphindeke kabili kukho konke ukungakholwa, nazo zonke izinto. SiKunika udumo, Nkulunkulu wethu onomusa, Baba wethu waseZulwini. EGameni likaJesu Kristu, sibanikela kuWe.

216 Uyakholwa, ngayo yonke inhliziyo yakho na? Khuluma nabanye balababantu, angikaze ngibabone empilweni yami. Angazi ukuthi yini engalungile ngabo manje, Lowo nguMoya oNgcwele, lokho yisiqinisekiso sokuthi nginitshele iqiniso: Indlela yokubuya yindlela enginitshele ngayo. Ibandla lilahlekile ehlane, lizulazula. UNkulunkulu, uBaba wethu, ulapha phakathi kwethu phakathi kwethu, njengoba WayeseNdodaneni yaKhe, uKristu Jesu, kuphela WayekuYe ngale kwesilinganiso, kithi ngesilinganiso, kodwa uMoya ofanayo. Anikuboni na? Anikwazi na? Kukholwe ngenhliziyo yakho yonke.

217 Sikuphi na? Yibani nokukholwa kuNkulunkulu, kholwani lezizinto azishilo uJesu. Wayengaba kanjani iNdodana kaNkulunkulu futhi aqambe amanga na? Angasenza kanjani isithembiso, futhi singelona iqiniso na? Kungenxa yokuthi asizange sinokolotwe, sibuyele kwiBhalisamu, sibuya futhi

sivumele uMoya oNgcwele wangempela, hhayi imizwa, hhayi ukuxhuxhuma, nokho Ungukuxhuxhuma, nokho Ungumuzwa, kodwa uWuvumele ungene futhi uZiqinisekise. Vula, Uzokwenza izinto Owawuhlala uzenza, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." NiyaWukholwa manje na?

218 Bangaki abanamakhadi omkhuleko manje na? Phakamisani izandla zenu. Uma ungikholwa ukuthi ngiyinceku kaKristu . . . UJesu wathi, umyalo wokugcina eBandleni, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla phezu kwabagulayo bayakusinda." Ngizizwa ngiholwa, bengizophuma, kodwa Into ethize ithe kimi, "Ungakwenzi lokho, labobantu bafuna ukuthi ubeke izandla phezu kwabo." UNkulunkulu muhle, Ungimisile emicabangweni engeyami. Yini ekumisile na? Ukwenzile, ngesifiso sakho; Uzokunika okufiswa yinhliziyo yakho. Shayani umugqa, nina eninamakhadi omkhuleko, wozani ngqo ngapha futhi nibashayise umugqa. Muhle.

219 NgiMbone ehlisa indiza emoyeni, wangibamba lapho ubusuku bonke, futhi usuku lonke usuku olulandelayo ukuba . . . ngokukholwa kowesifazane oyikhaladi ngomfana wakhe ofayo. Impela. Niyakholwa na? Niyawukholwa uMlayezo na? Uma ungeke ukholwe uMlayezo, awu, awusoze wasikholwa isithunywa, ngiqinisekile. Kodwa uma KunguMlayezo, uNkulunkulu uzoWuqinisekisa.

220 Manje, niyabona ukuthi imibono yenzani. Ngi . . . Imibono yinto ethile evela kuNkulunkulu, imibono ayikuphulukisi, imibono imemezela uNkulunkulu. IBhayibheli lathi, "Uma ekhona phakathi kwenu, othi ungumprofethi, Mina iNkosi ngiyakukhuluma kuye." Wayezokhuluma kanjani na? Njengoba Enza, njalo wakhuluma. "Futhi kuthiwani uma ekhuluma, iqiniso, Ngizoliqinisekisa ukuthi liyiqiniso." Khona-ke thatha isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo bese ubuyela emuva, buyela emuva ekukholweni kwePentecostal. Yiba umzalwane, I-Oneness kuZiqu-zintathu, uZiqu-zintathu kwi-Oneness. Yiba ngumzalwane, iChurch of God kwiNazarene, iNazarene kwiChurch of God. Yiba ngumfowethu, yiba ngudade, ningavumeli amahlelo anehlukanise. UNkulunkulu walimisela ngaphambili iBandla laKhe, basesizibeni ndawondawo, sifanele siphume futhi sibathole. UMoya oNgcwele ulapha kulobubusuku uhlola yonke inhliziyo, kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angapha . . .

221 Manje, lapho nina bantu nidlula, uma benginganiphulukisa, bengiyokwenza, kodwa uma nginitshele ukuthi nginganiphulukisa, bengizobe ngiqamba amanga, usuvele uphulukisiwe, uJesu wakuphulukisa mhla efa eKalvari, ngokuba "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Bangaki okholwayo ukuthi lelo yiqiniso na? Ithi, "Amen." Into kuphela engingayenza ukubeka izandla zami phezu kwakho futhi ngimemezele isibusiso, Nkulunkulu,

yipha lesi sibusiso, lokho kuzokusiza, ngiqinisekile, uma uzokukholwa, njengoba u-Oral Roberts ake asho, yindawo yokuxhumana.

222 Ngifuna wonke umuntu ophakathi lapha akholwe manje, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu futhi sikhuleka. Ngifuna lababantu bahleleke khona lapha, futhi njengoba bedlula, ngizokhuleka manje, ngibeke izandla phezu kwenu. Sekuba leyithi, ngihamba ngeleshumi nqo, futhi ngizonikhulekela. Ngizonikhulekela khona manje, ngizobeka izandla phezu kwenu.

223 Ngizocela abafowethu abangabefundisi, ukuze nibone ukuthi akumina kuphela nje, Akumina ngedwa, noma yimuphi umfundisi unelungelo lokukhulekela abagulayo. Noma yimuphi umfundisi owesaba uNkulunkulu nothunywe nguNkulunkulu, onokukholwa kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoyizwa imikhuleko yakhe ngokufanayo njengoba Eyozwa noma ngubani, bangahle bangakwazi ukubona okufihlakeleyo nezinto ezinjalo, abakwenzi, lokho akwenzeki kaningi. Kunjalo. Kodwa lokho akumenzi umuntu enze lokho ngaphezu kwanoma ubani omunye.

224 Angikwazi ukushumayela njengoba kwenza abashumayeli, angikwazi ukufundisa njengoba enza umfundisi, angikwazi ukukhuluma ngezilimi njengesiphiwo sezilimi, anginakho ukuhumusha. Kufike kimi, o, kanye noma kabili, ngikhulume ngezilimi izikhathi ezine noma ezinhlanu empilweni yami. Kodwa angizange ngikwenze. . . Ngi—ngi—ngempela ngangizizwa kanjalo izikhathi eziningi, kodwa akuzange kuphumiseleke nje. Kuye kwenza izikhathi eziningana. Ngenza okukodwa. . . Ngakhuluma ngezilimi ihora kanye. Ngangikhuluma ngezilimi ngesinye isikhathi, ngangingazi ngisho nokuthi ngangikwenza. Ngaqalaza ukuze ngibone ukuthi kwakungubani owayekhuluma, ngacabanga, "Uphi lowo mJalimane, noma ngabe ungubani?" Ngiqalaza, kwakuyimi engikhulumayo, ngavele ngaqhubeka ngathula du. Ngaso leso sikhathi kwakukhona owesifazane owophela ukufa cishe amamayela ayishumi ukusuka lapho, ezama ukuya ebandleni, futhi lapho efika lapho, wanikeza ubufakazi, waphulukiswa khona lapho, kwakunguMoya oNgcwele enza ukunxusela. Impela.

225 Manje, lezozinto aziyona inganekwane, bangane, ziyiqiniso. UNkulunkulu eZulwini uyazi ukuthi yiqiniso, izinkulungwane zezinto ezinjalo, amashumi ezinkulungwane. Ngakho, nguNkulunkulu, bangane, nguNkulunkulu. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje.

226 Mfowethu Moore, abanye benu bazalwane, Mfowethu Tracy, noma yimuphi kini bazalwane abangabefundisi, ofuna ukuma kanye nami lapha, ngisabeka izandla. Mfowethu Don,

ubungabasiza lapho, Mfowethu Brown, noma ubani, noma yimuphi kini bazalwane ongamaKristu, futhi ukholwe, woza lapha futhi ukhuleke. Sonke asikhothamise amakhanda ethu manje.

227 Nkulunkulu onomusa, silapha ukuba sisize. Ngikhulekela ukuthi Uzosiza, Nkosi, bayazi ukuthi Ulapha. Bazi ngesithelo sikaMoya, babona ngezenzo zikaMoya oNgcwele ukuthi Ulapha. Nkosi, singamadoda nje, simi lapha ukwenza umsebenzi wethu, "Lezizibonakaliso ziyobalandela abakholwayo, bayobeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayophila." Nkosi makuthi wonke umuntu odlulayo aphulukiswe, njengoba sibeka izandla zethu phezu kwabo esikhumbuzweni sokuzwelana kwethu ngabo, kanye nokukholwa kwethu kuNkulunkulu.

228 Okokuqala nje, ngibeka izandla zami phezu kwalengane, futhi ngiyalilahla lelikhanda elinamanzi futhi, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi lingashwabana, kwangathi owesifazane angabuya, ekhombisa ukuthi ikhanda lalengane selishwabene kangakanani, kwangathi ingaphilela uMbuso kaNkulunkulu. Amen.

Isandla sami phezu komfowethu, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi angasinda.

Isandla sami phezu komfowethu, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi angemukela ukuphulukiswa kwakhe.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi umntwana angaphulukiswa.

Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, udadewethu akaphulukiswe.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi udadewethu angaphulukiswa.

EGameni likaJesu Kristu, umfowethu makaphulukiswe.

EGameni likaJesu Kristu, umfowethu akaphile.

Wonke amaKristu ayakhuleka manje, wonke umuntu uyakhuleka.

EGameni likaJesu, kwangathi okwethu . . .?. . .

Bekani izandla phezulu, bazalwane.

EGameni likaJesu Kristu kwangathi udadewethu . . .?. . .

229 June, ungakukholwa lokho okucabangayo, uzoba kahle, June. UMama, lokhu kwenzeke kuwe, kodwa ngithe ngitshelwa izolo ebusuku, namhlanje bengisemkhulekweni. Udlula ekuvinjezelweni njengoNkk. Moore, noma okuthize kulowo mbono, kodwa uzoba kahle . . .?. . . Sengathi uNkulunkulu waseZulwini angabeka izibusiso zaKhe phezu kwalo wesifazane . . .?. . . EGameni likaJesu Kristu, kwangathi

wonke umuzwa ungadedeleka, kwangathi angahlwithwa abuyele kuleyondawana lapho leliphimbo legolide, lelithalenta elinikezwe uMbuso kaNkulunkulu, kwangathi singalizwa linanela ezweni lonke futhi. Ngikhuza udeveli ozama ukuphuphuthekisa amehlo akhe, futhi ezama ukufaka ubuthi engqondweni yakhe kulezizinto, kodwa kwangathi uNkulunkulu weZulu angadabula ngokukhanya kosuku lokuKhanya kukaKristu. Ngiyibizela kuWe le ntombazane. Wena wathi, "Uma uthi kule ntaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi lokho okushilo, okushilo kuyofezeka, khona-ke ungaba nakho okushilo." Ngimemezela le ntombazane ukuthi iphulukisiwe, eGameni likaJesu Kristu. Sekushiwo, manje makwenziwe.

EGameni likaJesu Kristu, lokhu makwenzelwe umfowethu.

230 Dadewethu Schrader, ngilitholile inothi lakho, ngiyamazi uDadewethu Schrader, ungibuze ngeteyipu, bengingakabi sekhaya ukuze ngiyizwe, ngizoyithola lapho ngifika ekhaya.

231 Dadewethu Schrader, ungowesifazane olungile, ngiyakuthanda, dadewethu. Kwakunguwe, mina ngingakwazi, lapho ngingena futhi omunye wakhuluma ngezilimi, futhi wanikeza incazelo, futhi washo yona impela into efanayo lokho kuKhanya okwayenzayo, ngenkathi Kwehla phezu kwami ezansi lapho, ngenkathi kuqala ngangingumshumayeli omncane weBaptisti. Kwathi, "Njengoba uJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwendulela ukuFika kokuQala kukaKristu, wena uthunyelwe, futhi uMlayezo wakho uyokwandulela ukuFika kwesiBili."

Ngenkathi lowomfundisi weBaptisti, lapho engagcotshwa khona, ngenkathi ezwa lokho, wathi, "Imfundo yebanga lesihlanu izoshumayela kubabusi na?"

Ngathi, "Yilokho Akusho."

232 Iphepha lathi, *Ukukhanya OkuyiMfihlo Kulenga Phezu KoMfundisi*, kwakukwi-Associated Press. Ngingazi lutho ngalokho, eminyakeni eyishumi nanye kamuva, omunye wakhuluma ngezilimi, futhi wena wahumusha into efanayo, futhi ngangimi lapho. UNkulunkulu unawe, Dadewethu Schrader, udeveli umelene nawe, ngingumfowenu. O Nkosi, Mdali wamaZulu nomhlaba, lo wesifazane omncane ontekenteke, othandiweyo wakhe oyigugugu sewadlula, O Nkosi, makuthi aMandla avusa uMsindisi wethu ethuneni, makuthi Yena afike phezu kwaloluhlaka oluncane okuntekenteke kube inkazimulo yaKho, oprofetha eGameni laKho, maLiphume. Futhi kwangathi lesi siphiwo esidatshuliwe, kwangathi singabuya siphilile, kwangathi singasinda, Nkosi; Ngikumemezela phezu kwakhe, eGameni likaJesu Kristu. Manje, kushiwo, Nkosi, makwenzelwe inkazimulo yaKho.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Kwangathi umphefumulo wakho . . . ? . . .

Baba wethu waseZulwini, eGameni likaJesu Kristu busisa lodade osemusha futhi umuphe lokho akucelayo, eGameni likaJesu.

UNkulunkulu abusise umfowethu, futhi amuphe ukuphulukiswa kwakhe eGameni likaJesu Kristu.

UNkulunkulu abusise udadewethu, amuphe ukuphulukiswa kwakhe, eGameni likaJesu Kristu.

UNkulunkulu abusise umfowethu, amuphe, Nkosi, ukuphulukiswa kwakhe.

233 Makuthi abantu abadlula lapha, baqonde Nkosi, bangadluli nje kalula, kodwa badlule ngokukholwa, bekholwa, leyo yindlela yokukwamukela, uma abanye . . . ? . . . Siphe khona, Nkosi. Kwangathi bengeze, badlule nje ngesizotha, kodwa kwangathi bangaqonda ukuthi beza ngaphansi kwezibusiso zikaNkulunkulu, okufakazisiwe kulobubusuku ebandleni, nokuthi Ulapha, neZwi laKhe liqinisekisiwe futhi lafakazelwa. Nkosi, awekho amandla okuphulukisa kithi, singakwenza, silandela umyalo kuphela, njengoba sayalwa ukuba sihambe sibhaphathize abantu, Wethembisa ukunikeza uMoya oNgcwele, yilokho kuphela esingakwenza ukubhaphathiza, ukushumayela iZwi nokubhaphathiza. Khona-ke ngingashumayela iZwi, Waliqinisekisa, futhi ngibeka izandla phezu kwalababantu. Nkulunkulu, benze . . . ? . . . eGameni likaJesu . . . ? . . .

Nkulunkulu, ngokunjalo kulomfowethu, muphe isibusiso esifanayo, eGameni likaJesu.

Baba waseZulwini, eGameni likaJesu phulukisa udadewethu.

EGameni likaJesu Kristu phulukisa lo udadewethu, kwangathi kungaphela kusukela kulobubusuku kuqhubeke.

Nkosi, iBandla laKho elikhulu lapha liyakhuleka, Baba. Makube njalo ukuze laba bantu baphulukiswe.

EGameni likaJesu Kristu, makuphulukiswe.

EGameni likaJesu Kristu, phulukisa umfowethu.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi kungenzelwa okwethu . . . ? . . .

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi kungenziwa . . . ? . . .

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi kungenzelwa udadewethu.

234 EGameni likaJesu Kristu, yipha udadewethu lokhu kukholwa okunqobayo khona manje, ukuthi useBukhoneni beNdodana kaNkulunkulu, Esezindawweni zonke khona lapha manje. Kwangathi Angakupha okwakho . . . ? . . .

Kanjalo nakumfowethu, makakukholwe, lapho esadlula.

235 Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Wena wathi uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda, ngiyaKukholwa, Nkosi, naseGameni likaJesu Kristu, ngibeka izandla phezu kwalababantu abagulayo.

EGameni likaJesu Kristu, ngibeka izandla phezu komfowethu. Ubaba wakho, kwangathi Anganezela ezibusisweni abenazo . . .?. . .

UNkulunkulu aphe eGameni likaJesu ukuphulukiswa kukadadewethu.

EGameni likaJesu Kristu, yipha ukuphulukiswa kwalomfowethu.

Nkulunkulu, siphe isifiso somfowethu, siyakhuleka, eGameni likaJesu.

Baba waseZulwini, yipha isifiso sikadadewethu eGameni likaJesu Kristu.

Baba waseZulwini, eGameni likaJesu Kristu, yipha udadewethu . . .?. . .

EGameni likaJesu Kristu, siphe ukuphulukiswa kukadadewethu.

EGameni leNkosi yethu uJesu Kristu, muphe ukuphulukiswa kwakhe, Baba.

EGameni likaJesu Kristu, phulukisa umfowethu.

EGameni likaJesu Kristu, Nkosi, phulukisa umfowethu.

EGameni likaJesu Kristu . . .?. . .

EGameni likaJesu Kristu, siphe ukuphulukiswa komfowethu.

EGameni likaJesu Kristu, siphe ukuphulukiswa komfowethu.

Phulukisa udadewethu, Baba Nkulunkulu.

EGameni likaJesu Kristu, phulukisa udadewethu, Baba.

EGameni likaJesu Kristu, phulukisa udadewethu.

EGameni likaJesu, phulukisa umfowethu.

EGameni likaJesu Kristu, phulukisa udadewethu.

Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, phulukisa umfowethu.

EGameni likaJesu Kristu, phulukisa lodade nelengane kube inkazimulo yaKho.

EGameni likaJesu Kristu, phulukisa lo, udadewethu.

EGameni likaJesu Kristu, Nkosi, phulukisa lo, udadewethu, ngiyakhuleka.

EGameni likaJesu Kristu, izibusiso zikaNkulunkulu phezu . . .?. . .

EGameni likaJesu Kristu, phulukisa udadewethu.

EGameni likaJesu Kristu, phulukisa umfowethu.

236 Njengoba udlula, kholwa—kholwa. Angazenza kanjani lezizinto Azenzayo uma Engekho na? Mukhulu kanjalo nje . . . ugcobo olufanayo nje lapha njenganoma yisiphi isikhathi.

EGameni likaJesu Kristu, phulukisa lo, udadewethu.

EGameni likaJesu Kristu, ngibeka izandla phezu kukadadewethu, Nkosi.

EGameni likaJesu Kristu, kholwa yilokho. Amen. Kholwa yilokho manje . . .?. . . dade. UNkulunkulu akubusise.

EGameni likaJesu Kristu ngezandla zami . . .?. . . eGameni likaJesu.

EGameni likaJesu Kristu . . .?. . .

EGameni likaJesu Kristu . . .?. . .

EGameni likaJesu Kristu, udadewethu . . .?. . .

EGameni likaJesu Kristu, udadewethu . . .?. . .

EGameni likaJesu Kristu . . .?. . .

EGameni likaJesu makuthi umfowethu aphulukiswe.

EGameni likaJesu Kristu, makuthi udadewethu aphulukiswe.

Phulukisa udadewethu, Nkosi, eGameni likaJesu Kristu.

EGameni leNkosi uJesu, phulukisa lo, udadewethu.

Phulukisa udadewethu eGameni likaJesu Kristu.

Baba, eGameni likaJesu, phulukisa udadewethu, ngiyakhuleka.

EGameni likaJesu Kristu, phulukisa umfowethu . . .?. . .

237 Lokhu . . . (Ungayicima iswishi lapho na?) Lokhu lapha kungahle kubonakale kuyinqaba kakhulu, kodwa kuwukulalela kuphela isenzo sikaNkulunkulu. Uma ukholwa ukuthi uphendukile, ubhaphathiziwe, ungongenele uMoya oNgcwele. Niyabo? Ngani na? Ngomfundisi, inceku kaKristu, ekulethele iQiniso, ikhonzisa iZwi likaNkulunkulu kuwe khona-ke uma uNkulunkulu eza eZwini laKhe futhi bashumayela iZwi, noMoya oNgcwele uyehla futhi ufakazele Lokho ukuthi kuyiqiniso.

238 Niyabo, bangane, okwenzeke nje esikhashaneni esedlule, a—angazi, uNkulunkulu oseZulwini uyazi ukuthi angazi. Niyabo? Kodwa noma ngabe bekuyini, kufanele ukuthi bekukhazimula ngoba inhliziyo yami ishaya ngokushesha ngempela ngenjabulo, bekungokuthile.

239 Manje, kubukeka kimi sengathi, ukuthi ibandla elizelwe ngokusha elibiza ukuzalwa okusha, futhi ba. . .isikhathi sokuFika kukaKristu sesiseduze. . .Kungani, ngobufakazi obubonakalayo, ubufakazi obubonakalayo obuhle. . .?

240 Uma bekukhona indoda emi lapha igqoke ingubo ende, nezibazi esandleni sayo, igazi liphuma ebusweni bayo, leyo bekuyobe kungakabi yena uKristu, noma yimuphi umkhohlisi ubengakwenza lokho; kodwa ukuPhila okwakukuKristu makuphinde kuvezwe, khona-ke niyazi ukuthi KunguKristu.

241 Ngishumayela ngobunye balobubusuku ngokuthi: *INdida*, futhi leyo bekuyindida enisanda kuyibona, kuyinto ethize engenakuchazwa. Niyabo? Kuyisimangaliso, ukuthi uNkulunkulu waseZulwini angakuveza kanjani okunjalo. Manje, wena uthi, "Ungangiphulukisa, Mfowethu Branham na?" Akunakwenzeka, usuvele uphulukisiwe.

242 Uma Ubemi lapha, egqoke isudi yami Anginika yona, Ubengeke enze okunye, yilokho-ke Ayengakwenza kwakungukuqinisekisa ukuthi UnguKristu, afakazise ukuthi Ulapha, ufanele uMkholwe, "Ngingakwazi, uma ukholwa." Yilokho manje, uma ukukholwa, yilokho kuphela okukhona kukho. Kubukeka kimi sengathi bekufanele kufake ugesi, bekufanele kuthumele abantu ekuphendukeni, bekufanele kuthumele abantu abafuna uMoya oNgcwele, bekufanele kwenze okungaphezu kwalokho okukwenzayo.

243 Ingabe iFoo-. . .ingabe i—ingabe iMbewu yeZwi iwela emhlabathini onamatshe na? Manenekazi, ithini impendulo na? Bazalwane, bandla, ithini impendulo na? Yini enye uNkulunkulu angayenza na? Akazange athembise enye into, awusoze wabona lutho olukhulu kunoBukhona bukaJesu Kristu busebenza eBandleni laKhe, enza izinto Athembise ukuzenza.

244 Kodwa niyazi, kukhona okwenzeka eBandleni. Ucabanga ukuthi bekuzokwenzekani uma eminyakeni engamashumi amahlanu edlule *lokho* ngabe kwabhodloza na? Niyabo, kuzofanele kube namandla kakhulu manje ukunyakazisa iBandla kakhulu ngokwedlulele. "Njengoba isitha singena njengozamcolo, uMoya kaNkulunkulu uphakamisa ibhanela ngokumelene nawo." Ngolunye lwalezizinsuku Uyophakamisa iBandla liphume endaweni yaLo, abangcwele abazelwe ngokusha. "Ababili embhedeni, Ngizothatha oyedwa ngishiye oyedwa; ababili ensimini Ngizothatha oyedwa ngishiye oyedwa." Uzovusa iBandla eBukhoneni bukaKristu ukuze liphile inguna phakade. Angikusho lokhu ukuze ngibe luhlaza, ngikusho ngokumesaba uNkulunkulu, ubuzalwane, ngobuqotho, uthando ngoku—ukulamba enhliziyweni yami ukubona iBandla likaNkulunkulu liyiBandla likaNkulunkulu, umzimba wabantu.

245 Amadoda angeke akwenzele lutho, lapho udlula kulomugqa kanjalo, ebeka izandla. Nizwe amaqhinga aminingi, nokuningi kakhulu, [UMfowethu Branham uyahogela—Umhl.] "Ngiyahogela . . ." futhi lonke lolu hlobo lwezinto ezingekho ngisho nangokomBhalo, sekwenze izingqondo zenu zakhubazeka cishe impela. Niyabo, udeveli wakwenza lokho ukuninyakazisa nisuke eQinisweni, iZwi liyiQiniso, neZwi lenziwa inyama. Niyaqonda na? UNkulunkulu anibusise nonke. Ngiyanithanda. Nanka amaduku. [Udade unikeza ubufakazi—Umhl.] Amen. Makabongwe uNkulunkulu.

246 Nkosi uJesu, iMbali yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, iNkanyezi yokusa, iMpande neNzalo kaDavide, u-Alfa, u-Omega, isiQalo nesiPhelo, Owayekhona, Okhona, nozayo, thumela izibusiso zaKho, Nkosi, phezu kwalababantu. Babusise, Nkosi, ngemvuselelo yemfashini endala, bathumelele emuva, Nkosi, ngesehlakalo obaba nomama babo ababa naso eminyakeni eminingi edlule, esisigubhayo, kulo mhlangano.

247 Nanka amaduku. Bathatha emzimbeni walabo abangcwele abadala ababusisiwe eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, abagulayo waphulukiswa, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule benza into efanayo, futhi baphulukiswa. Wena unguNkulunkulu ofanayo kulobubusuku, uMoya oNgcwele ofanayo, uza ngobuningi obukhulu, namandla ebuyiselwa eBandleni, ukunyakazisa iBandla liphume ebuthongweni baLo. Makuthi noma ubani ombatha lamaduku aphulukiswe, Nkosi, kwangathi amandla kaNkulunkulu enze wonke umuntu aphile, ngiwathumela ngeGama likaJesu Kristu ngokuphulukiswa.

248 Busisa abantu manje, ngibanikela kuWe, Nkosi. IZwi selishunyayelwe. Uzibonakalisile Wena uqobo, Ufakazisile ukuthi Ulapha, Ufakazisile ukuthi Awufile, kepha Uvukile kwabafileyo, Uphila kuze kube phakade, onguye izolo, namuhla, naphakade, ugcina imiyalo yaKho, futhi ugcina iZwi laKho nezithembiso zaKho ezizukulwaneni ngezizukulwane kuye kubo bonke abayokholwa eGameni laKho.

249 UMoya oNgcwele omkhulu, ufunisisa ukuthola indoda ndawo ndawo. O Nkulunkulu, Wathola u-Irenaeus ngoluny'usuku, Wathola uPolycarp ngoluny'usuku, Wathola uPawulu ngoluny'usuku, Wathola uMartin ngolunye usuku, Wathola uLuther ngolunye usuku, Wathola uWesley, Wathola uGeorge Whitefield, O Nkulunkulu, Wathola uBilly Sunday. Nkulunkulu, maKasithole kulobubusuku, O Nkulunkulu, omunye wehora onganyakazisa iBandla ngendlela enjalo ngokushunyayelwa kweVangeli, njengoCharles Finney, noma omunye, Nkosi, ozobuyisela iBandla endaweni yaLo futhi. Lapho uMoya oNgcwele omkhulu qobo lwaWo, umsebenzi waKhe uqobo, hhayi umuntu, engena phakathi kwabantu, futhi azimemezele Yena uqobo njengoba Enzile kulobubusuku, siyabonga kuWe, Nkosi.

Yemumela ukubonga kwethu, futhi usiphe ezibusisweni zaKho. EGameni likaJesu Kristu, siyakucela.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wang'thanda kuqala

250 Asivale nje amehlo ethu manje, asiphakamise izandla zethu, futhi asiMnike udumo. Niyazi ukuthi Ulapha. Bangaki okukholwayo ngayo yonke inhliziyo yakho, yonke into, ukholwa ukuthi uKristu ulapha na? Yithi, "Amen."

Manje, ake siMculele nje manje, ngayo yonke inhliziyo yethu ekithi, futhi siMnikeze lonke udumo esilwaziyo ukuthi lwenziwa kanjani. Manje, kulungile.

> Ngi . . .

Vala amehlo akho nje manje, kuMoya, ucule.

> . . . uthando . . .
> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

251 O, kuyamangalisa. [Umfowethu ukhuluma ngezilimi futhi ahumushe—Umhl.] Amen. Niyazi ukuthi kuyini lokho na? Kuyini na? Kuyini ukukhuluma ngezilimi nokuhumusha na? Ukushaya kwenhliziyo kukaMoya oNgcwele ukhuluma into ethile ongazi ukuthi uthini. Niyabo?

252 Nginitshelile indlela yokubuyela emuva, ngininika isimemo: Bangaki lapha abangathanda ukuthatha lowo mzila futhi balandele isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo na? Abaningi benu lapha ongakaze abhaphathizwe, futhi engathanda ukubhaphathizwa, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakholwa, ngilungele, ngizokwenza imisebenzi yami yokuqala phezu, ngizobuya futhi, ngizoza kuKristu." Phakamisa isandla sakho. Kuzoba nenkonzo yombhaphathizo lapha kusasa ebusuku.

253 Umfundisi wamaBaptisti usanda kuthumela izwi phezulu, wathi, "Ngikulungele." Kulungile. Mfowethu, nami ngivela ebandleni lakho, bangifundela isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo ngokungeyikho, kodwa ngizifundele mina uqobo, ngathola emva kokuba sengisishintshile, futhi ngasifunda, futhi ngakwenza ngendlela Athi makwenziwe ngayo, kukhona okwenzeka kimi. O Nkulunkulu, thumela ukuKhanya. Mbhekeni ebiza. Ngiyazibuza kungani si—kungani sikwenza na?

254 Ngi—ngiyakuthakasela ukubekezela kwenu, ukuthi sihlala kanjani futhi silindane, ngoba NguMoya oNgcwele uzama ukufaka okuthile kithi, niyabo, Uzama ukujovela okuthile. Ukubekezela kwenu kuyamangalisa, futhi lokho kuyasiza. Uma uthi, "O, angiqondi, kodwa ngizohlala futhi ngikubone, kufanele ngikubuke," uNkulunkulu uzogcwalisa yonke inhliziyo elambile

e—ezofinyelela ngempela. Lapho ukubona, ungalindi omunye umzuzu, finyelela ukuthole, khona lapho, Kuyadlula, Angase angaphinde adlule ngaleyo ndlela. Kunjalo.

Amen! Amen!

255 Shi, nje, shi! [Udade ukhuluma ngezilimi nomfowethu uyahumusha—Umhl.] . . .?. . . Amen. Mayibongwe iNkosi. Niqaphelile na? Uthe Ubelapha ukwamukela izindumiso zethu. Niyalazi lelokhorasi lika-*Amen*, uMfowethu Zepp aliculayo, lelo yena . . .? *Amen*? Niyalicula, akunjalo na? Kulungile, Mfowethu Don. Kulungile. Hhe?

256 Woza, Ernie. SizoMdumisa ngeculo ethi *Amen*. Wena . . . Bangaki abalaziyo na? O, sonke siyalazi, ngiyakholwa. Lonke ibandla lami liyalazi, ngiyakholwa, noma bengi—ngicabanga ukuthi mhlawumbe wena . . . Uthini? O, mfowethu, bengingekwazi ukulihola, a—angikwazi ukucula. O, kodwa ngicabanga ukuthi lokho kungaba kuhle khona manje, ukusho u, "Amen!" kukho konke Akushilo. O, he!

Amen! Amen! Amen! Amen! Amen!

Amen! Amen! Amen! Amen!

Wonke umuntu, liculeni.

Amen! Amen! Amen! Amen! Amen!

Amen! Amen! Amen! Amen! Amen!

Amen! Amen! Amen! Amen! Amen!

Amen! Amen! Amen! Amen! Amen!

257 Asiphakamise izandla zethu futhi siMnikeze . . .?. . . SiyaKudumisa, Nkosi, ungisindisa futhi ungibusisa. Thumela uMoya oNgcwele, Nkosi. Woza kulobubusuku futhi . . .?. . . zonke izinhliziyo ngesikhathi sidumisa . . .?. . .

